

UBUFAKAZI BUKAFAKAZI

OQINISILEYO



Ngiyabonga, Mfowethu Neville, iNkosi ikubusise. Sanibona ekuseni, bangane. Kuyinhlanhla ukubuyela lapha endlini yeNkosi, kulokhu ukusa, nokuxoxa futhi endala, indaba endala esiyixoxe yonke leminyaka, kubantu abaningi, ukuthi umusa kaNkulunkulu ubonakale kanjani kithi, ngoJesu Kristu.

² Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi namhlanje sihlanganyela lomusa emhlabeni jikelele, nabantu ndawo zonke, siyazi ukuthi uNkulunkulu unabantwana baKhe ndawo zonke. Mhlawumbe ngezinye izikhathi asikuboni kahle hle nje komunye nomunye, njengoba besingenza noma sifanele senze. Kodwa ngokwejwayelekile uma kusesikhathini senkathazo, yileyonkathi-ke amaqiniso ahlala ngayo obala ngempela.

³ Futhi lowo ngomunye wemicabango yami kulokhu ukusa, ukuthi angizukwazi ukuthi ngingakuzwakalisa kanjani kinina bantu, ukujabula kwami nokubonga kini, ngalokho enisenzele khona, njengomndeni, ngesikhathi sokukhathazeka kwethu nokudinga. YiPhakade kuphela eliyokwazi uku...liyokwazi ukunichazela ukuthi ukwethembeka kwenu okuhle kobungani kwakusho ukuthini kithi ngalesisikhathi sokukhathazeka kwethu, njengokumuka, ukumuka kukamama aye eKhaya. Angizange ngiqonde ukuthi kwakusho ukuthini, kakhulu kangaka njengamanje, njengokuthi kwakusho ukuthini uma omunye eza ezokubona uma ugula.

⁴ Izikhathi eziningi engibhekane nazo nalezozinkinga, zokuba nokubizwa okuningi kakhulu engingakwazanga ukukwenza, futhi ngedlulisele ukubizwa kwami kwabanye abefundisi, nokuba bangisize ukuba ngedlule. Futhi-ke ngiqonda ukuthi kubangela ukudumala okuncane; ukuba, mhlampe mhlawumbe babize lona omunye umfundisi, futhi, kodwa babebize mina ukuba ngize. Futhi nje kungenza ngizizwe sengathi ngifisa sengathi nganginamandla amakhulu ohlobo oluthize, ukukwenza konke.

⁵ Ngokuba ngiyazi, ngenkathi ngithumela abehlukene ukuba beze, ukuthi kwenzeka kanjani ukuthi bonke beze ngaso impela isikhathi; nokuthi kuba kanjani, nokuthi kwakusho ukuthini kimi, ukubabona bephumelela. Nakini bantu enanihlala nomama ngesikhathi sasebusuku, uDadewethu Wilson lapha, noMfowethu Fred Sothmann nomkakhe, futhi, o, abaningi kakhulu benu. Nabaningi kakhulu ninikela ngomsebenzi wenu; esasingafanele sikwemukele, kodwa nanikela ngomsebenzi

wenu; abaningi kakhulu ukuthi kwakubakhona omunye, naye, eshintsha njalo emva kwemizuzu embalwa. Naninomoya omuhle kabi.

⁶ Futhi ngesikhathi ngenkathi si...simalise ekhaya lomngcwabo, ukuthi niza kanjani futhi navakasha, futhi nasixhawula, futhi nasigaxa, futhi nasinikeza uzwelo lwenu. Angizange ngiqonde ukuthi lokho kwakusho okukhulu kangaka, kuze kufike kimi. Izimbali, umqulu wezimbali nobhaskidi abavela ndawo zonke, ngangokuthi abakwazanga ngisho ukuzifaka ehholo lomngcwabo, baze bazibuyisela emakamelweni. Ukuthi kwaba kanjani...angizange ngicabange ukuthi nje ukuthumela isixheke sezimbali kwakusho okukhulu kangaka, kwaze kwaba yilesosikhathi.

⁷ Futhi abaningi benu uthumele amakhadi avela ezindaweni ezehlukene, futhi ethi...amakhadi okuzwelana, nifaka imali kulo ukusiza ezindlekweni nezinto. Angizange ngiqonde ukuthi isipho esincane esiya komunye noma into encane kanjalo yayingasho okukhulu kangaka, kuze kufike kimi. UNkulunkulu aze anibusise kakhulu!

⁸ Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ngiyinxenye yabantu onaloluhlobo lomoya. Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ngingumfowenu. Futhi ngethemba ukuthi angisoze ngakubuyisa ngaleyondlela, kodwa ngenye indlela.

⁹ Manje-ke mina, ngimi ekhaya lomngcwabo, eduze kukamama, nabaningi kakhulu bengena. Nabanye abantu ababebuka, mhlampe, mhlawumbe umuntu olapha eminyakeni yami, futhi athathe isandla sami bese ethi, "Billy, sekuyisikhathi eside." Bese ngibheka ngemuva, ngingasabakhumbuli, base beshintshe kakhulu. "Washumayela emngcwabeni wengane yami. Washumayela emngcwabeni kamama wami. Wafika kimi, ngobubandayo, ubusuku obumnyama." Ya, nazo zonke lezozinto kanjalo.

¹⁰ Ngeqiniso kuzwakalisa iZwi lomlobi wamahubo, ngikholwa ukuthi kwakunguye. "Njengesinkwa phezu kwamanzi, siyobuyela kuwe ngelinye ilanga."

¹¹ Futhi ukuba benginakho, bengiyiciko lokukhuluma ngokweneleyo, noma benginenkulumo, bengizonitshela nje nonke ngamunye wenu ukuthi ngicabangani. Kodwa a—angikwazi ukwenza lokho, ngoba a—angikwazi ngisho nokuthi ngingakuzwakalisa kanjani. Kodwa nje ngikusho ngalendlela, ukuba nina, ngamunye, nazi ukuthi ngisho ukuthini. Ngibanibonga, ngezinjulo zenhliziyoyami.

¹² Nokuthi umBhalo ugwaliseka kanjani, "Thwalisanani imithwalo, futhi kanjalo nigcwalisa umthetho kaKristu." Bekuyi...

¹³ Ukuhamba kwakhe kwaba yinto eyaxaka kimi. Futhi angizange ngiqonde ngokugcwele ukuthi kungani uMoya

oNgcwele ungangitshelanga kungakenzeki, njengoba ngezwakalisa ngesikhathi sokugcina ngangisepulpiti lapha, ngalokho kusa. Futhi bangitshela ukuthi wayefa ngaso lesosikhathi, esibhedlela. Angikwemukelanga, ngenxa yokuthi Wawangangitshelanga ukuthi wayehamba. Manje, kusobala, siyakuqonda lokhu, ukuthi ziningi izinto Ozenzayo, Ongazenza, nozenzayo, Awudingi kusitshela lutho. Usitshela nje... Futhi ngazi lento eyodwa, nokho, ukuthi Wenza konke kusebenzelane kube ngokuhle. Futhi kulokhu ukusa, ngisacambalele embhedeni, ngicabanga ngalokho.

¹⁴ Owokuqala ukuhamba, emndenini wakithi, kwaba ngumfowethu, uEdward. Futhi ngangingekho ngiseNtshonalanga ngisebenza eplazini lezinkomo ngenkathi ehamba. Ngangingekho ekhaya, kodwa ngambona, nokho isoni, ngambona embonweni ngaphambi kokuba ahambe.

¹⁵ Olandelayo ukuhamba kwaba nguCharles. Ngangi... Wahamba ngokushesha, ngokuzuma. Waye... Ngangishumayela ezansi lapha kwelincane, lamakhaladi, ibandla lePentecostal ngalobo busuku, ngenkathi uCharles ebulawa enhla emgwaqeni omkhulu, yimoto.

¹⁶ Olandelayo ukuhamba kwaba ngubaba, wahamba ngokuhlaselwa yinhliziyi, wafela ezingalweni zami. Wanikela umphefumulo wakhe kuNkulunkulu; wahamba ngokuzuma, ngokushesha.

¹⁷ Olandelayo ukuhamba kwaba nguHoward. Ngangingekho ngiseNtshonalanga ngiseholidini, ezansi emfuleni, e No Return, ngenkathi kufika amabhanoyi endiza, aqathaza izambulela amaparashuti, ukuthi, "Wayesehambile." Kodwa mina, kusobala, ngambona ehamba, iminyaka, iminyaka emibili noma emithathu ngaphambi kokuba ahambe. Sasesazi ukuthi wayehamba.

¹⁸ Kodwa umama kube nguyi kuphela owalibala. Futhi ngacabanga ukuthi mhlawumbe yingalesosizathu Ungangitshelanga. Bonke behamba ngokukhulu ukuzuma, ngani, U... Bonke bahamba ngokuzuma, ngaphandle kukamama. Walibala amaviki ayisithupha, emavikini eyisithupha impela.

¹⁹ Kodwa ngingahle nje ngisho lokhu, ekukuzwakaliseni. Impokophelo yami yayingukuma eduze kukamama wami, nokunikela umphefumulo wakhe kuNkulunkulu, ngenkathi esehamba. Into ethize exakile yangithuma ukuba ngiphume ngiye esibhedlela ngalokho kusa, unkosikazi nami. Futhi wayethe ukuba phansi. Futhi into yokugcina engisayikhumbula eyenza, lapho engangikwazi—engangikwazi ukuyisho kuye. Wayengasakwazi ukukhuluma. "Mama, uma usamthanda uKristu, futhi Elusizo kukho konke kuwe, nqekuzisa ikhanda lakho." Futhi wayenqekuzisa ikhanda lakhe, nezinyembezi zehle

ebusweni bakhe. Wayesalokhu elusizo kukho konke, khona impela ekupheleni kwendlela. Ngambambatha esihlathini, ngase ngimdonga ngiphendula ubuso bakhe ngezandla zami, ngase ngithi, “Mama, uyisosha langempela. Ngiyaziqhenya ngawe.”

²⁰ Ngase ngicabanga, “Ngiyamangala ukuthi uSathane ubezoshokanjani, njengoba enza ngezinsuku zikaJobe?” Niyazi, uNkulunkulu ngeke azithatha izimpilo zethu. USathane nguye owenza lokho. Siphendulelwa kuSathane nje.

²¹ NoSathane ekwazi, azi ukuthi isikhathi sakhe sasesifikile, wazi ukuthi wayesezohamba, wathi kuNkulunkulu, “Uyazi, unomfana ongumshumayeli, nabantwana abazisho ukuthi bangamaKristu. Ake ngithi nje ukumziswa ubuhlungu isikhashana, ngizobenza bonke ukuba baKuphike.”

²² Qhabo, ngomusa kaNkulunkulu! Nento yokugcina ayinqekuzisela ikhanda lakhe, ukuthi uKristu wayesalokhu eyikho konke kuye, ngenkathi ehamba.

²³ Ngiz’ekhaya, ngacabanga, “Awu, aku . . .” Ngangena, ngama lapho ekamelweni. Ngacosha iBhayibheli, iBhayibheli elisha. Ngase ngithi, “Nkosi, UnguNkulunkulu. Angi . . . Awudingi ukuba ungitshele ukuthi Wenzani. Kodwa nje ngimangele uma Ukugcinile, isizathu sokuba wenze lokho, umthathe, ngabe kwaku (ngoba) ukuvikela ukuba ungangephuli inhliziyona? Uma kunjalo, Ungangiduduza ngeZwi laKho na?”

²⁴ Futhi ngakwenza, niyazi, ukuthi ulithatha kanjani iBhayibheli bese nje uyaLidonsa ulivule *kanjalo*. Ngavele nje ngathatha iminwe yami ngase ngehla njalo, ngaLiphendula lavuleka. UMathewu 9, amakhulukazi amagama abomvu ephume agqama, “Akafike, kodwa ulele.” Niyabo, futhi into yokuqala amehlo ami awela emBhalweni, ngenkathi ngibheka phansi.

²⁵ Lokho, kusobala, manje, iBhayibheli angilisebenziseli ukuba libe yibhodi lokuqagela i-Ouija, niyazi. Asikwenzi nje lokho. Kodwa ngangidabuke kakhulu ngalesosikhathi, ngikhohla ukuthi uNkulunkulu ungivumela ngibone lokho. Ngoba, okwalandelayo, kwafakaza ukuthi kuyikho.

Ngalobo busuku, kusobala, kwakungubusuku obungalaleki.

²⁶ Futhi ngakusasa ekuseni ngangise . . . ngavuka. Ngiqagale kwakuthi akube ngelesishiyagalombili nqo, ekamelweni, elesishiyagalombili noma mhlawumbe kamuva. Ngiqala ukubona abantwana bengena, bangenisa abantwana abakhubazekile bevela ndawo zonke. Kwakubukeka sengathi kwenza cishe ububanzi obungangendlu yasedolobheni, futhi cishe izindlu ezimbili zasedolobheni ukujula, okwabantwana abahluphekile nje. Ngakwesokunxele nangakwesokudla, kwakungabantu behlezi, futhi ngasosonke isikhathi, kwakubukeka sengathi kwakuphakeme kuphezulu. Futhi

kwakuthi akube, yisitadiyamu, kwehle bese kuyakhuphuka futhi ekugcineni ngemuva, ukuvimbela bona impela abantu abangemuva eku. . . Bengaboni; babekwazi ukukubuka bebheke phambili. Kwathi ngisami, ngigqoke isudu ebhlu. Ngase ngicabanga, “Manje lokhu kuyaxaka. Ngi—ngiyazi ngimi ekamelweni ekhaya, kodwa lapha ngigqoke isudu ebhlu.”

²⁷ Futhi ngangihola ukucula, “Bangeniseni, bangeniseni,” ngenza izinhlangothi zombili ukuba zicule, “lethani abancane kuJesu, bangeniseni bevela ezweni lesono.”

²⁸ Futhi kwakukhona inenekazi elalidumile langena ngemuva kwestadiyamu. Ngandlela thize, enye, ngangazi ukuthi lalingena. Kodwa laqala ukwenyuka ledlula ezethamelini.

²⁹ Futhi ngangiqhubeka nje ngihola amaculo, “Bangeniseni!” Ngangithi, “*Ngapha* liculeni, ‘Bangeniseni!’ *Ngapha*, ‘Bangeniseni,’ kanjalo, ‘lethani abazulayo kuJesu.’”

³⁰ Futhi ngangizokhulekela bonke laba abancane, abantwana abahluphekile, nabagulayo.

³¹ Nalelinenekazi lafika lase liya ebhokisini, phezu kwalo njengasenkundleni yasethiyetha, lapho okunjengalapho kuhlala khona umuntu odumileyo, noma ibhokisi likaMongameli. Noma, niyazi ukuthi ngichaza ukuthini, kulolohlobo lwendawo, ngakwesokunxele sami.

³² Inenekazi lalisanda kungena nje. Laphendukela kwabany’abantu ababelapho, futhi nje lakhothamisa ikhanda lalo. Ngaqaphela laligqoke okuthi akube yifeshini endala. Nenenekazi laphenduka ukuba likhothame kimi, ngaphambili nje. Futhi ngangihambe ngenyukela epulpiti ngaleyonkathi ukuba ngishumaye. Futhi lapho nje libamba ikhanda lalo libheka phansi, futhi ngaphendukela *kanje*, kulo.

³³ Futhi lapho ngiphakamisa ikhanda lami, nalo laphakamisa ikhanda lalo, libhekana nami, kwakungumama. Wayesengibuka, wayesematheka. Wayemusha, emusha ngempela. NePhimbo elikhulu elidumayo lazamazamisa indawo, kwase kuvela amazwi ayesethi, “Ungakhathazeki ngaye, unjengoba wayenjalo ngo 1906.”

³⁴ Futhi lapho umbono ungishiya, ngabheka ukuba ngibone ukuthi u1906 wawunjani. Lowo kwakungunyaka ayengumlobokazi ngawo kubaba wami. Futhi sengi—ngiyazi manje, futhi, ukuthi uyingxenye yoMlobokazi, uMlobokazi kaJesu Kristu.

³⁵ Ngiyomkhumbula njalo umama. Wayenomoya omnandi futhi ethandeka kithina sonke. Ngisazikhumbula ezakhe ezindala eziqhaqhazelayo, izandla ezinedumbe, ngenkathi uDelores emqondisa ingalo yakhe, khona lapho, ukuba amnike isidlo. Yilesosikhathi sokugcina ayengaso eTabernakele, ngaphandle kwalapho kushunyayelwa umngcwabo wakhe.

³⁶ Ngifuna ukusho eny'into. Futhi khona ngenkathi umama ehamba, okuxakayo, okungabikezeleki, sasingazi ukuthi wayehamba ngalesosikhathi. Kodwa uMfowethu Neville wangena. Umkami wathi, uma sake sabakhona isikhathi engajabula ngaso ukubona uMfowethu Neville, kwakuyilesosikhathi. Wathi... Angazi ukuthi kungani, kodwa into ethize nje, ukuthi nje uNkulunkulu uzisebenza kanjani lezozinto! UMfowethu Higginbotham wayelapho naye, lowo nje osanda kunikeza umlayezo emizuzwaneni embalwa edlule, wahamba ngezinyawo... wahlala emnyango wehholo. NoMfowethu Neville wangena. Ngase ngimisa abantwana bazungeza umbhede, ngase ngithi, "Manje sonke asenze indingilizi, futhi sibe ne... sidadele uMfowethu Neville."

³⁷ Umama wayethanda njalo ukuzwa uMfowethu Neville ekhuleka. Wayekuthanda nje ukumuzwa. Wathi, "Ukhuluma nje sengathi, ngobuqotho, ubekhuluma noNkulunkulu."

³⁸ Lokho kwaba ngokokugcina ukuba ezwe ezindlebeni zakhe, uMfowethu Neville wayemile, ekhuleka. Futhi ngangibambe izandla zami ekhanda lakhe, nesinye esandleni sakhe, futhi ngenkathi ekhuleka. Futhi ngenkathi esemkhulekweni, uNkulunkulu wambiza. Futhi ngakuzwa lokho okuncane, ukudlukuzeka okuyinqaba, ngase ngiqalaza. Wayephendule ikhanda lakhe wangibuka, futhi ngazi ukuthi wayesehamba. Ngakho ngathi, "Nkulunkulu uSomandla, nginikela umphefumulo wakhe kuWe manje." Futhi u...njengomoya ovunguzayo kwangena ekamelweni, futhi wayesehambile ukuyobonana noNkulunkulu. Ngakho, ngolunye usuku lwenkazimulo ngaphesheya, ngiyombona, owesifazane osemusha.

³⁹ Kusobala, simazi manje njengomama osekhandlekile osemdala, oqhaqhazelayo. Ngenkathi enabantwana bakhe, ishumi labo, kwakungenjengoba senza namhlanje. Sasingenayo indlela yesimanje, futhi sasingenayo imali yokukwenza. Umama wayebeletha ingane yakhe, asithi, kulokhu ukusa, bese kuthi ngalentambama abe sezenzela iwashingi. Futhi nje kwamkhandla.

⁴⁰ Kodwa hhayi engumama oqhaqhazelayo omdala enedumbe limthuthumelisa, kodwa owesifazane omusha omuhle uyoba njalo kulowoMbuso ongaphesheya.

⁴¹ Futhi ngacabanga ngenduduzo kaNkulunkulu, ukuba angivumele ngifike kulowomzuzwana. Kwase kuthi-ke khona emva kokuba sekwedlule konke, useyangitshela-ke ukuthi kungani. Usenginika lawomazwi aduduzayo-ke, ngombono kamama wami.

⁴² Ngakho-ke, bangane, iVangeli engilimeleyo, ngiLibhekisisile lapho-ke sekwehlela emahoreni okufa. NgiLibonile kumama wami. NgiLibonile kumkami. NgiLibonile kubafowethu.

Ngi—ngiyazi ukuthi kusho ukuthini uma usufika ekupheleni kwendlela, unolwazi lwesipiliyoni noNkulunkulu. Kusho okuthize. Ngakho manje ngiphokophelele, ngomusa kaNkulunkulu, ukuya kulolonke ikota lezwe, Ayongithumela kulo, kusosonke isidalwa engingaphumelela kuso, futhi ngishumayele leliVangeli, ngoba LingaMandla kaNkulunkulu, ensindisweni.

⁴³ Ngokwazi lokhu, ukuthi uma lokhu ukuphila sekuphelile, sinokuphila ngaphesheya, lapho esibuye sibe ngabantu abasha futhi, futhi siyophila eBukhoni baKhe nasekubusisweni kwaKhe, kuze kube-phakade naphakade. Ngethemba ukuthi wonke umama oyigugu phakathi lapha, nayo yonke indodakazi, yonke indodana, nawo wonke ubaba, uyofela eNkosini. “Yebo usho uMoya; ngokuba baphumula ekukhandlekeni kwabo, nemisebenzi yabo iyabalandela.” Ngolunye usuku olubalele bha siyohamba sibabone! Yebo.

⁴⁴ Uma lokho kungenjalo, pho yingani simi lapha kulokhu ukusa, sishumayelela ize na? Kodwa, bangane, inkolo yethu ayikho ezeni. IngaMandla kaNkulunkulu, yavivinywa kusukela phansi ngokuvivinya nge-esidi yokufa. Ngezinhlupheko, nganoma yiluphi uhlobo lwendlela olufuna ukuza ngayo, kwenza mehluko muni na? Sizobonana noNkulunkulu.

Manje ngifisa sengathi ngabe bengine, besinezihlalo zomuntu wonke.

⁴⁵ Futhi ngifuna ukumemezela, ngikholwa ukuthi kulobubusuku yisidlo. Kunjalo, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Kulobubusuku ngubusuku besidlo. Nawo wonke umuntu e . . .

⁴⁶ Ngicabange nje ngenye into ngesidlo. Kwakukhona omunye umuntu, ngolunye usuku, waya esontweni, futhi kwaba netekisi eqashwayo eyafika yazomlanda futhi imehlisele esontweni. Uyimpofana ngempela. Futhi wehla futhi uthatha isidlo, nomakhelwane wakhe uwuhlobo lwe . . . o, uhlobo olunye lwalababafo abaphiyazayo ongamazi uNkulunkulu. Wabuza umakhelwane wakhe, wathi, “Ubuyephi kulokhu ukusa, ngaleyotekisi eqashwayo na?”

⁴⁷ Wathi, “Bengicabanga ukuthi . . .” Yona, indoda, kul’khuni ukuba ibe nesinkwa etafuleni. Yathi, “Ibandla lithatha isidlo, ngakho ngehlile ukuba ngiyothatha isidlo.”

Wathi, “Yini isidlo na?”

Wamtshelela ukuthi kwakuyini, “Isinkwa newayini leNkosi.”

⁴⁸ Wathi, “Benginaso, nami.” Wathi, “Benginepani ligcwele amabheskidi nekota yewiski.” Futhi etafuleni lakheo, masinya nje, wahlaselwa yinhliziyi. Bambheke ukuba ahone nganoma yimuphi umzuzu. Ungabi ngophambene nenkolo. Ungabi ngongahloniphiyo. Niyabo? Hlonipha iZwi leNkosi, niyabo,

ngokuba asazi ukuthi yimuphi umzuzu esizobizwa ngawo ukuba siphendule, futhi, kuNkulunkulu.

⁴⁹ [Omunye uthi, “Uzobakhona yini kulobubusuku na?”—Umhl.] Manje angizwanga. [“Uzobakhona yini kulobubusuku na?”—Umhl.] Ngihlose ukuza. Yebo. Bangibuze ukuthi ngizobakhona yini kulobubusuku. Ngihlose ukuzwa umshumayeli okahle kulobubusuku, uma ngingaphumelela, uMfowethu Neville. Kodwa, ngihlose ukuza kubobonke ubusuku besidlo. Ngicabanga ukuthi kuyimisebenzi emiselwe thina, ngawo onke amandla ethu.

⁵⁰ Bese kuthi uma kulungile, uma kumthokozisa uNkulunkulu, futhi kulithokozisa ibandla nakuMfowethu Neville, ngifuna ukubakhona ngeSonto elizayo, futhi, uma iNkosi ithanda. [UMfowethu Neville uthi, “Amen!”—Umhl.] Futhi uma kulungile, niyabo. [“O, amen! Yebo.”]

⁵¹ Futhi ngi—ngicabanga nje ukuthi ngifuna ukunikela ngalolonke iawunsi elincane enginganikela ngalo, ngawo onke amandla amancane engisasele nawo, ngenzele uMbuso kaNkulunkulu; yonke into, ukusindisa wonke umphefumulo engaziyo ukuthi usindiswa kanjani. Ngoba, empeleni, be—bengingenzenjani kulokhu ukusa ukuba umama wayengesuye umKristu, ukuba sasingenalo lelothemba elibusisiweyo langaphesheya na? Uma ngi. . .

⁵² Ngiyakhumbula, khona ezansi ngezansi kwendlu yami, ngambhaphathiza, eminyakeni engamashumi amathathu-nanye eyedlula, eGameni likaJesu Kristu; ngezansi kwendlu yami nje, laphaya emfuleni. Futhi sengiyambona nje ekhuphuka manje, futhi engigona. Lokho kwakusho into eningi kakhulu. Ngathi, “Mama, ngoluny’usuku siyokufaka ethuneni elinodaka.” Ngathi, “Kodwa okholwayo, abhaphathizwe, uyakusindiswa.” Yebo, ya.

⁵³ Futhi ngakho uma ngangingazuzanga-mphefumulo kuNkulunkulu, kunalowo kamama wami, wonk’umzamo ukhokhelwe ngokuphindwe kazigidi. Ya. Yebo, mnumzane. Kunjalo.

⁵⁴ Manje okokufundwa komBhalo, ngingemiBhalo emibili. Ngakho ngifuna ukufunda omunye wayo kuqala, sizobekwe sesiba nomkhuleko, bese kuthi-ke ngifuna ukufunda omunye. Nani enizothanda ukufunda kanye nami, phenyani emaBhayibhelini enu esahlukweni 1 seZenzo. Futhi ngithanda ukumemezela indikimba yami, kulokhu ukusa, uma iNkosi ithanda. Manje, isizathu. . .NgingemiBhalo eminingi namanothi lapha ukuba ngikhulume ngayo. Angizukuzama ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu.

⁵⁵ Kodwa ngizama ukufundisisa, ngihlale ekamelweni. Futhi uma iNkosi inganganiniki-lutho, engicabanga ukuthi kunosizo. . .

⁵⁶ Ngifuna lelibandla nabo bonke bazi. Angehleli lapha ukuba nje ngibonwe. Ngehlela lapha, hhayi ngoba sidinga umfundisi.

Ngoba, ngicabanga ukuthi umelusi wethu ungomunye wababedlula bonke okhona emazweni. Kunjalo impela. Akusikho lokho.

⁵⁷ Kodwa, ngiza ngoba ngiyezwa ukuthi uNkulunkulu ufake enhliziyweni yami uMlayezo ozosiza lababantu. Niyabo, into ezobasiza. Futhi sindawonye, nomelusi wethu oyigugu, sobabili siholwa nguMoya oNgcwele, sibeka isikhathi sethu ndawonye, bese sisonga, ekusindisweni kwemiphefumulo yonke esingaphumelela kuyo. Futhi ngiza kulokhu ukusa, ngoba ngizwile ukuthi uMoya oNgcwele unginika uMlayezo obuzosiza ibandla. Futhi yingakho ngilapha.

⁵⁸ Manje esahlukweni 1 seNewadi yeZenzo, siqala ukufunda evesini 1.

Incwadi yokuqala ngayiloba, O Theyofilu, ngakho konke uJesu aqala ukukwenza nokukufundisa,

Kwaze kwaba-lusuku akhushulwa ngalo, esebayalile ngoMoya oNgcwele abaphostoli ayebakhethile:

Waziveza kubo ephilile emva kokuhlupheka kwakhe ngobufakazi obuningi, wabonwa yibo izinsuku ezingamashumi amane, ekhuluma ngezombuso kaNkulunkulu:

Kwathi, ehlangene nabo, wabayala ngokuthi bangamuki eJerusalema, kodwa bahlalele isithembiso sikaYise, sona, uthi, enisizwile ngami.

Ngokuba uJohane ngempela wayebhaphathiza ngamanzi; kepha nina nizakubhaphathizwa ngoMoya oNgcwele kungakadluli izinsuku eziningi.

Khona labo ababebuthene, bambuza, bathi, Nkosi, usawubuyisela umbuso kuIsrayeli ngalesikhathi na?

Wathi kubo, Akusikho okwenu ukwazi izikhathi noma imizuzu, uBaba akumisele ngamandla akhe.

Kodwa nizakwamukeliswa amandla uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu: nibe-ngofakazi bami eJerusalema, naseJudiya . . . , naseSamiya, kuze kube sekugcineni komhlaba.

Kwathi eseshilo lokhu, wakhushulwa, bebuka; ifu lamamkela ababe besambona.

Bathi besagqolozela ezulwini emuka, bheka, amadoda amabili ayemi kubo embethe izingubo ezimhlophe;

Athi, Madoda aseGalile, nimeleni nibheka ezulwini na? uJesu lo, osuswe kini enyuselwa ezulwini, uyakuza kanjalo njengalokho nimbonile eya ezulwini.

⁵⁹ Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, senzele umkhuleko.

⁶⁰ Baba wethu waseZulwini, manje sesiza ekusondeleni, eGameni leNkosi uJesu, ukunikela phambi kwaKho, kuqala ukubonga kwethu ngalokho Osenzele khona; nangalokho, phezu kwezinto zonke, lesosiqiniseko esibusisiwe esiphumule ezinhliziyweni zethu, ukuthi sisindisiwe; sisindiswe ekufeni, sasindiswa esihogweni, sasindiswa empilweni yesono, sasindiswa ezintweni zezwe, futhi sibizelwe eSidlweni sakusihlwa soMshado esikhulu seNdodana kaNkulunkulu. SiKuthanda kangaka, Nkosi, ngalokhu! Kungaphezu kokuphila kithi; kungukuPhila okuPhakade!

⁶¹ Futhi sibuthene kulokhu ukusa, Nkosi, ukunikeza lezizimvo ngamaculo, ukubonga, nangokushumayela iZwi, sihlephula iZwi lokuPhila kulabo, Nkosi, mhlawumbe abalapha, ongakwaziyo Wena. Futhi kuyisifiso sethu, nempokophelo yethu nezinhloso, ukuthi Leli namhlanje lizoba ngumgomo wabaningi, ongakwaziyo Wena, beze bavume izono zabo, futhi babize iGama leNkosi, futhi babe sebethethelelwe izono zabo, ngokuvuma izono zabo nangokubhaphathizwa, ukuzeza izono zabo. Futhi-ke, Baba, sizokhulekela ukuthi Uzogwalisa ngamunye ngoMoya oNgewele, ngokuba UluPhawu lwesithembiso uNkulunkulu asinike sona.

⁶² Sizocela ukuthi Uzokhumbula bonke abagulayo nabahluphekileyo nabadingayo, namhlanje. Ngokuba qiniso izwe lisesimweni sokudinga, lonke ngoba asiphendukeli kuWe ukuba sibe nokuvikeleka kwethu nesiphephelo sethu.

⁶³ Ukuthi singacabanga kanjani, kulokhu ukusa, ngezikhathi eBhayibhelini, ngenkathi abantu besenkathazweni nosizi, ukuthi babebabiza kanjani abaprofethi, namaningi amadoda amakhulu ngalezozinsuku, ayecabanga ukuthi labobaprofethi babengabaguliswa yimizwa na—nabantu abanokwethuka kwemizwa. Futhi, okungukuthi, bangahle ukuthi babenjalo, kodwa nokho babeneZwi leNkosi. Nkulunkulu, namhlanje, ukuthi sidinga kanjani ukuthathisela emuva eZwini likaNkulunkulu. Basitshela ngesikhathi sokuphela, nokuthi kuyobanjani. Futhi masithi thina, njengamaKristu angempela, sibuke ubufakazi babo—babo, futhi, Baba, bese sinikeza ubufakazi ezweni. Siphe khona, Nkosi.

⁶⁴ Philisa ogulayo ophakathi kwethu kulokhu ukusa. Ngokuba siyaqonda, Nkosi, ukuthi okhathele, okhandlekile, umzimba ogulayo uhuduleka ngapha nangapha, ngeke wazijabulela izibusiso zikaNkulunkulu njengoba ibingenza ukuba ibiphilile. Futhi siyaqonda, njengamaKristu, ukuthi kuze kube manje siphila phansi kwamalungelo ethu okuphiwa. Ukuthi, Awufisi ukuba sibe njalo, sikhathele futhi sikhandlekile, futhi sehlile futhi siba buthakathaka. Usifisa ukuba sigwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu. Siphe lokho, Nkosi, njengoba silindele ngokuqhubekayo uMlayezo waKho. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

65 Manje, uma futhi nizophenya eZwini, kuJohane oNgc. 3. Ngifisa ukufunda amavesi ambalwa kuJohane oNgc., isahluko 3, ngiqale ngevesi 31, cishe amavesi amathathu alesi, ukuthola ingqikithi yendaba yalokho engifisa ukukusho. Lona nguJesu okhulumayo, uJohane oNgc. 3:31. Futhi lalélisisani iZwi laKhe.

Ovela phezulu uphezu kwakho konke: ovela emhlabeni ungowomhlaba, ukhuluma okomhlaba: ovela ezulwini uphezu kwakho konke.

Akubonileyo nakuzwileyo, lokho ufakaza ngakho, kepha akakho owamukela ubufakazi bakhe.

Owamukele ubufakazi bakhe ulubekile uphawu lwakhe lokuthi uNkulunkulu uqinisile.

66 Ngifisa ukufunda lelovesi 33 futhi, ukubeka izigcizelelo kulelovesi 33.

Owamukele ubufakazi bakhe ulubekile uphawu lwakhe lokuthi uNkulunkulu uqinisile.

67 Okwendikimba kulokhu ukusa, uma nizo...ngifuna ukusebenzisa lena, *UbuFakazi BukaFakazi OQinisileyo*. Ubufakazi nofakazi! Yingalesosizathu ngifunde imiBhalo emibili ehlukene, omunye wobufakazi nomunye kafakazi.

68 Manje, ubufakazi. Ngaphambi...Umuntu ufanele abe nesehlakalo ngaphambi kokuba bakwazi ukufakaza. Ukuba ububizelwe enkantolo, ubuzodingeka ukuba, njengokuthi, unikeze ubufakazi. Ufanele wazi into ethize ngaphambi kokuba ukwazi ukufakaza.

69 Nofakazi ngumuntu obone into ethize, owaziyo ukuthi iyiqiniso. Futhi bayabizwa ukuba banikeze ubufakazi. Futhi, manje-ke, ufakazi ufanele azi ukuthi ukhuluma ngani. Akafanele abe ngothi, "Omunye umuntu wangitshela into ethize-thizeni." Ufanele abe ngufakazi, qobo lwakhe. Uma engesuye, ukhuluma ngomunye umuntu obengaba ngufakazi esigcawini.

70 Manje, ngicabanga ukuthi, ngokuthi siyabona ngaphandle ebandleni lethu, ukuthi impilo ibucayi kabi, manje-ke, ukuthi ukufa kuqiniseke ngempela, sidinga ukufika endaweni lapho esiqiniseka khona ngempela ukuthi Lokhu esikhuluma ngakho kuyikho. Niyabo? Akusiyona into ongathi nje ngokuhlofuhlofuzwa, njengoba besingasho, uYemukele. Ufanele uqiniseke ngempela ukuthi Iyiyo, ngoba asazi ukuthi hlobo luni lokuphela esizofika kulo.

71 Manje, isizathu esisodwa sokuba ngibe ngumcabangi kaCalvin, ngokuphepha kwekholwa, yingenxa yokuthi, ngikholwa, ukuthi uma owesilisa noma owesifazane esile kahle engqondweni yabo, yilesosikhathi sokwemukela iNkosi uJesu. Bese kuxazululwa konke ngalesosikhathi, kuphele nya. Ngoba, uma sesifika ekupheleni kwendlela, asazi nje ukuthi sizogula

kuphi nokuthi kanjani. Singahle sigule engqondweni yethu, kungahle kubekhona imfiva engabupheka ngempela bona ubuchopho bethu, futhi singahle sisho noma yini noma senze noma yini ekupheleni kwendlela. Asazi. Kodwa, niyabo, uma sesivele sibambelelise okwehange kuKristu, akunandaba ukuthi kugula kuni okusithathayo, noma siyisiphi isimo uma sihamba, sekuvele kuxazululiwe.

⁷² Sibekwe uphawu kuze kube lusuku lokuhlengwa kwethu. Kwabase-Efesu 4:30, kuthi, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku,” hhayi lokufa kwenu, kodwa “lokuhlengwa kwenu.” Niyabo, emva kokuba ukufa sekube phezu kwakho, usalokhu ubekwe uphawu.

⁷³ Manje, ukunikeza ubufakazi, kube nezinto eziningi nemibuzo eminingi engqondweni yabantu, futhi zibekhona kweyami.

⁷⁴ Ngenkathi ngima emavikini ambalwa edlule, ngenkathi umama wami esaphila, futhi esakwazi ukuzwa, ngangingakulonye uhlangothi lombhede, nodadewethu emi eduze kwami. Nomama ubheka phezulu, wayesethi, “Owami owokuqala nowokugcina.” Ngiyizibulo lakhe, uDelores uyisigcino sakhe. Nabafana abayisishiyagalolunye phakathi ne...Noma, bayisishiyagalolunye abafana nentombazane. Nomama uqala ukusho ukuthi, “Bill, ungondlile.” Futhi ngoba, ngiqagele, ngokuba senkonzweni, ngangikwazi kakhulu ukukwenza. “Futhi unginakekele. Futhi, Delores, ubungithanda futhi—futhi wangisiza ukuba ngenze umsebenzi wami wasendlini newashingi.” Wayesethi, “Manje-ke, Bill, wangiholela kuKristu futhi wangibhekisisa, ngokomoya. Futhi bekuthi uma ngisephutheni, ubunganqikazi ukungitshela ukuthi bengisephutheni, no—nokuthi ngifanele ngikulungise.”

⁷⁵ Ngase ngithi, “Futhi, mama, si...” Abanye babafana bayaphuza. Ngase ngithi, “Sikwephule inhliziyoyakho.”

⁷⁶ Futhi, njengothando lukamama, wathi, “Billy, konke lokho kuzokwenza isondo elikhulu!”

⁷⁷ Ngathi, “Mama.” Wayazi ukuthi wayengezokubuyela ekhaya, noma wathi wayengezokubuyela, abuye ku 409 Maple. Futhi wathi kimi, ngathi, “Mama, ngenkathi ngisengumfanyana nje, ngangazi ukuthi wayekhona uNkulunkulu, ngoba ngangibubonile ubuMuntu baKhe ngezindlela ezehlukene.” Ngase ngithi, “Kuqala, ngi...Kusemndenini wakithi, futhi sasakhe eduze kwakwaMnu. Wathen enhla lapho eUtica Pike, futhi sasingazi lutho ngebandla. BabengamaKatolika.”

⁷⁸ Ngase ngithi, “Ngiqala ukufundisisa. Manje, njengoba ibandla eliKatolika lisho ukuthi, ‘UNkulunkulu wanikeza Amandla aKhe amakhulu ebandleni laKhe, futhi wathi ebandleni laKhe, kakhulu impela lingumzimba wamakholwa, “Noma ngabe yini eniyenzayo, ilungile.”’” Ngase ngithi, “Manje-

ke uma . . . ngakufundisisa lokho. Sengiqala ukuthola-ke ukuthi kukhona cishe impela amaqembu ngalinye amakholwa ahleliwe ehlukene angamakhulu ayisishiyagalolunye amakholwa. Manje-ke uma uNkulunkulu anikeza igunya laKhe ebandleni laKhe, futhi wabatshela, ‘Nje lahlani leliZwi. AniLidingi, lowo ngumlando nje. Futhi—futhi ningaqhubeka-ke futhi nenze, futhi noma ngabe yini eniyishoyo iyobe ilungile; hhayi iBhayibheli, kodwa ibandla, noma ngabe yini eshiwo yibandla.’ Mama, ngangingeke ngesekele noma yikuphi ukukholwa. Ngoba, ibandla eliKatolika lisho into *eyodwa*. Ibandla lamaLuthela lithi ‘Kunga *le* ndlela.’ Ibandla leMethodisti lathi, ‘Qhabo, omabili anephutha. Kunga *le* ndlela.’ Ibandla lamaBaptisti lithi ‘Kungenye indlela.’ Nezinkolo ezehlukene ezingamakhulu ayisishiyagalolunye, ngangingenakusekela-kukholwa kulokho.”

⁷⁹ Kodwa ngathi, “Engakwenzayo, mama, ngabuyela emuva ngase ngifunda iBhayibheli. Futhi ngafundisa ngayo nje ncamashi indlela labobaphostoli ababeLifundisa ngayo. Angizange ngehluke nangokukodwa okuncu. Lapho abathi ‘umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu,’ ngathi ‘umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu!’ Lapho abathi ‘umbhaphathizo kaMoya oNgewele,’ ngathi ‘umbhaphathizo kaMoya oNgewele!’ Futhi ngaLifundisa ngayo nje indlela ababeLifundisa ngayo. Mama, ngathola imiphumela efanayo nabayitholayo! Futhi ngibona uNkulunkulu ofanayo ofika ngokufundisa kwabo, uNkulunkulu ofanayo ofika angene phakathi kwethu futhi enze into efanayo Abenzela yona emuva lapho. Uyasenzela namhlanje. Ngakho-ke, isithembiso saKhe singukuthi, ‘Odlala inyama yaMi aphuze iGazi laMi unokuPhila okuphakade, futhi Ngiyakumvusa ngemihla yokuphela.’”

IZwi lingubufakazi bukaNkulunkulu.

⁸⁰ Kukhona abany’ofakazi ebesingababiza, kulokhu ukusa. Omunye wabo, ake sicabange ngomuthi. Kuyisikhathi sasekwindla onyakeni, futhi uma isikhathi sasentwasabusika sesilapha manje. Futhi sithatha icembe, lokho kunjengokuphila. Futhi siyi, uma sizelwe ngokusha, siyicembe eMthini wokuPhila.

⁸¹ Nalomuthi esiwubonayo phandle lapha ehlathini, ukuphila ekugcineni kuyasuka, kuphume ecembeni, ngoba inkathi yonyaka isiphelile engeyecembe. Nalokho kuphila kuyasuka ecembeni, necembe liyowohloka uma ukuphila kusuka kulo. Sonke siqiniseke ngempela ngalokho, njengoba silibuka emafasteleni ethu impela manje. Lokho, kuthi nje ukuphila kungasuka ecembeni, icembe liyowohloka.

Nalowo ngumzimba esiwumbelayo.

⁸² Kodwa ukuphila obekukulelocembe, kubuyela emuva lapho okuvela khona, kwehle kwedlule esihlahleni, kuye empandeni. Futhi lapho kuhlala empandeni yomuthi, kuze

kube ngenye inkathi yonyaka. Ngokuba lenkathi yonyaka, ilanga selisuke lahamba kancane, noma umhlaba ususuke wahamba kancane waqhela elangeni, futhi ulandela u—umkhondo wawo lapho uzungeza; futhi ukude le, nesimo sezulu esibandayo siqonde emhlabathini. Ngakho-ke impande ibamba ukuphila kwalelocembe umhlaba uze uhambe kancane ubuye uzungeze futhi, futhi manje-ke akukho-ndlela yokuba kuze kufihlwe lelocembe ekubeni libuye futhi. Liyobuya impela nje ngokuqiniseleyo njengoba ilanga libuya! Liyobuya. Kodwa lifanele lilindele enye inkathi yonyaka, ngaphambi kokuba libuye.

⁸³ Futhi namhlanje lokho kusinika ubufakazi obukhulu, njengofakazi kaNkulunkulu wendalo. Ngoba, ukuthi uma sisenkathini yonyaka yokuphila okusazokufa, sikhulisa abantwana bethu, siganana futhi sizala imindeni, lokhu ngukuphila noma inkathi yonyaka yokuphila okusazokufa. Kodwa uma sesizelwe ngokwaPhezulu, umzimba ubuyela othulini lapho ovela khona, nomoya ubuyela phansi lapho ovela khona, noma uyenyuka, njalo, uye lapho ovela khona, kuNkulunkulu Owawunikezayo, futhi lapho kuyofika enye inkathi yonyaka. Naleyonkathi yonyaka, eyofika, iyoba yinkathi yonyaka engasayikufa. Futhi lapho iNdodana kaNkulunkulu ivuka inokuphilisa emaphikweni aYo, kuyoba ngokungenakwenzeka nhlobo ukuba kube kusabanjwa leyomizimba esemhlabathini. Iyovuka ekukhazimuleni kweNdodana kaNkulunkulu. Yona impela imvelo iyafakaza ngalokho.

⁸⁴ Ngakho uma singumKristu, futhi sizalwa nguMoya, ukufa kungebambe lutho kodwa ukunqoba kwethu, ngoba lomzimba omdala onokubola, uSathane aselokhu enamandla phezu kwawo, uyoqathakela othulini lomhlaba. Kodwa uma leyonkathi yonyaka! Lena yinkathi yonyaka engafanele manje; lena yinkathi yonyaka esenokufa. Kodwa inkathi yonyaka engasayikufa iyeza uma sekufika Lowo ongasayikufa. Uyoletsa kanye naYe imimoya engasayikufa obuyele kuYe, ivela emhlabeni, futhi iyophinde ivuke futhi ekuvukeni, okwesikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane, futhi uyokhanya ngeNkazimulo yaKhe.

Yonke into emhlabeni inikeza ubufakazi.

⁸⁵ Ilanga liphuma eMpumalanga, ukubonisa ukuqala kokuphila; liyawela bese lishona kusihlwa. Ngokwasekuseni, izinyoni ziyavuka futhi zihlabelele, futhi zijabulile, sizizwa sifreshi; kusihlwa, sikhathele uma ilanga lishona. Linikeza ubufakazi ukuthi kukhona ukuphila nokufa; usuku luzaliwe, usuku seluhambile.

⁸⁶ Umuthi waphila, amacembe awohloka. UNkulunkulu walondoloza, ezimpandeni zomuthi, lapho lokhu ukuphila

kwasunguleka khona, lapho kwaqala khona, phansi ezimpandeni, i...kwaphuma kwase kwenza amacembe omthunzi liyabuya futhi liya lapho elivela khona. Kuphela ukuba liphumule, ukuba lize ngenye inkathi yonyaka.

⁸⁷ Ukuphila embalini encane, okuqathaka kuphuma embewini, kubuyela ndawo ndawo esingazi khona ukuthi kuphi. Kodwa onke amanzi esihlahla angahle aphume embewini, nembewu ibole emhlabathini. Kodwa nokho kukhona ukuphila phakathi lapho, okufihlelwe ukuvuka futhi.

Yonke into okukhuluma ngayo, inikeza ubufakazi.

⁸⁸ Manje, ngike ngaba nenhlanhla yokuhamba kakhulu impela emhlabeni jikelele. Futhi ngizwe izinkolo ezehlukene. Ngizwe imibono ehlukene. Ngizwe abakaMohamede, abakaBuda, amaShite, amaJeyini, futhi, o, amakhulu amaningi emibono ehlukene yenkolo, onkulunkulu, onkulunkulukazi, nazo zonke lezozinto. Kodwa akukho nayinye yazo, lutho nayinye yazo, nayinye yazo enelilodwa ichashaza leQiniso ngayo!

⁸⁹ Lenkolo yamaKristu iyinkolo ekahle; ukufa, ukumbelwa, nokuvuka. Yonke imvelo, amazulu uqobo lwalo, nomhlaba, kufakaza ngayo. Kungufakazi kaNkulunkulu kubantu baKhe, nsuku zonke, ukuthi kukhona ukufa, ukumbelwa, nokuvuka. Inkathi yonyaka ngayinye yedlula phezu kwamakhanda ethu; sibona ukufa, ukumbelwa, nokuvuka. Ngakho, siyazi ukuthi leli yiQiniso. UbuKristu, ngokwesisekelo, buyiQiniso. Bunikeza ubufakazi babo.

⁹⁰ Futhi kukhombisa ukuthi wenziwa ngobukhulu, ubuHlakani obuphakeme, ukufeza inhloso. Ulapha ngenhloso. UNkulunkulu wayengadinge kwenza-mithi kanjalo. Wayenza kanjalo, nakuba yehlukile, omunye komunye, kanjalonjalo. Wenza konke okwalokho enzela inhloso yaKhe, ukunikeza ufakazi nokunikeza ubufakazi. Wayengenza imithi njengeny into eyayi—yayingaba ngenye into, njengamadwala. Wayengenza imithi noma ngayiphi indlela Ayefuna ukuyenza ngayo. Wayengenza izimbali noma ngayiphi indlela Ayefuna ukwenza ngayo. Kodwa Wayenza ukuba ifakaze, ngokuba ingofakazi bakaNkulunkulu. Ingufakazi oqinisileyo, ukuthi zonke ezinye izinkolo zingamanga, noJesu Kristu uqinisile. Ukufa, ukumbelwa, nokuvuka, kunikeza ubufakazi ukuthi asifile Phakade, kodwa siyaphila futhi. Ukhombisa ubuHlakani obuphakeme!

⁹¹ Singahle, uma isikhathi sizosivumela...Okungukuthi, asifuni ukuthatha isikhathi eside kakhulu. Kodwa singahle sikhulume futhi...Futhi, singazenzi thina iphethini. Leli yiTabernakele lapho khona esineziFundiso zethu uqobo neziMfundiso zethu, futhi lena yindawo lapho engingafundisa khona engicabanga ukuthi kuyiqiniso.

⁹² Ngifuna ukuqaphela obunye ubuHlakani, obukhuluma ngomusa kaNkulunkulu obubonakale kithi. Nike naqaphela, into yokuqala yimpande, into yesibili yisiqu, into yesithathu yisithelo, nalokho kuyawuqeda.

⁹³ Ukulungisiswa, impande; ukungcweliswa, isiqu; nesithelo, iMbewu yasekuqaleni. Nalowo nguMartin Luther, uJohn Wesley, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele; ukulungisiswa, ukungcweliswa, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho kunikeza ubufakazi emibonweni yethu ngomBhalo. Futhi nginezinto eziyidazini ezibhalwe khona lapha, ebengingazisho ngalokho, lokho, ngezinto ezehlukene efakazayo. Ngokubuka ezintweni zemvelo, zifakaza ngezinto zokomoya. Ukulungisiswa, izimpande; ukungcweliswa, isiqu; nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, isithelo esivela emiphumeleni yempande nesiqu.

⁹⁴ Leyompande yavela embewini. Imbewu yayinjengalokho okwangena emhlabathini, isibuyile futhi.

⁹⁵ Futhi namhlanje! Siphile sedlula onyakeni kaLuther, siphile sedlula onyakeni kaWesley, futhi manje siphila onyakeni oHlengiwe, wepentekoste. Kuyini na? Sibuyisa lona iBandla elifanayo, yona into efanayo eyatshalwa ngoSuku lwePentekoste. Imvelo uqobo lwayo inikeza ubufakazi kukho; ngokufanayo nje njengoba unikeza ubufakazi ekufeni, ukumbelwa, nokuvuka.

⁹⁶ O, kuNkulunkulu oPhakade, nasezimfakazweni zaKhe! Ukuba kuphela besingaqalaza, ubona uNkulunkulu macala onke, umBhekisise efakaza nsuku zonke. Sikwenza kanjani ngamabomu, ngokungazi sikhubeke kulezozinto, lobobulula na? Ngani, wonke umuthi uyasishumayeza. Yonke imbali iyasishumayeza. Yonke ingadi iyasishumayeza. Umhlaba wonke uyasishumayeza. UNkulunkulu unguNkulunkulu, futhi sibona iNkazimulo yaKhe. Kepha nokho ngamabomu sikhubeka kukho, bese sishintshanisa lezizinto, bese siphosa amehlo ethu ezintweni ezinjalo, nokubona ngokwemicabango yethu, ezintweni eziyize zezwe, ukuba senelise inkankuko ephila ngomoya esiwuvumele wabusa izimpilo zethu. Ukuthi besifanele kanjani sisuke kulowomoya, futhi sithole uMoya kaNkulunkulu!

⁹⁷ Yonke imvelo, yonke ndawo zonke, iyafakaza! Amazulu, izibhakabhaka, izinto eziningi kakhulu! Mina, ngihlezi lapho ngitadishela khona, izolo, ngibhale phansi; ngeke ngibe nesikhathi sokuya kukho. Kodwa ningaqalaza nje kunoma yini uNkulunkulu ayidalayo, inikeza ubufakazi enkazimulweni yaKhe. Noma yini, noma yikuphi okudaliweyo kukaNkulunkulu, kunikeza ubufakazi kuNkulunkulu, nokwenhloso yaKhe. Kukhombisa obukhulu ubuHlakani obuphakeme!

⁹⁸ Ngike ngama esiqongweni sezintaba futhi ngabhekisisa uhlobo lwesihlahla esibhashile ipigmi spru, esithi nje asiphakame *kangaka*, esidliwa yizimvu, imvu yasendle, futhi ngibone leyopigmi spru phezulu *lapha*. Wehle uqhubekele phambidlana, bese-ke uzithela kwihemlokhi uhlobo lwesihlahla esinesihlungu, imvelo ehlukele, uhlobo olwehlukile oluphila endaweni ehlukele. Ngokwehla njalo uqhubekele phambidlana, bese uzithela eshobeni. Ngokwehla njalo uqhubekele phambidlana, ushobeni emfezini eqhaqhazelayo. Uphume kulokho, uyongena ehlahini lezinyamazane, ihlozi. Wehle njalo, kulokho, uyongena otshanini. Futhi wehle njalo uyongena kulokho, uyongena okhuleni. Futhi wehle njalo uyongena ogwadule, lapho khona okungekho lutho. Ngakunye, ingqamuzana lokuphila nokuphila kwakho ngqo, kukhuluma ngenhlalo yakho nokuthi kuphila kuphi, ngubuhlakani bukaNkulunkulu kuphela obabungenza into enjalo! Ngakunye, ukuphila ngakunye. Ubone isundu eFlorida, ubone isihlahla se-oki ma—maphakathi neMelika, nemfezi eqhaqhazelayo ezintabeni kumaRockies; ngakunye, ukuphila okwehlukile, kunikeza ubufakazi enkazimulweni kaNkulunkulu uSomandla.

⁹⁹ Bhekisisa ulwandle olukhulu uma umi eduze kwalo. Namagagasi alo athukuthele ebhidliza ugu, ngokukhulu ukuthukuthela, luze luthi fu futhi lugxume njengenja ethukuthele ekupheleni kweketango. Belungaminzisa izwe ukuba belungakwazi; beluyobe selukhathele yizono zalo. Kodwa uNkulunkulu wabeka umlindi phezulu ngaleya ezibhakabhakeni, othiwa yinyanga, futhi Wabeka imincele yalwandle, ukuba lungabe lusedlula. Nalowomlindi uyalulinda, imini nobusuku. Lapho Efulathela, ukuba aqalaze ngakuNkulunkulu, ukubona ukuthi uNkulunkulu ubukeka kanjani, nakhu kufika ibuya lolwandle lingena linyonyoba; kodwa lapho Ephendula ubuso baKhe futhi, nantiya ibuya lolwandle lihamba. Ulinde leyomingcele, futhi ngeke ahamba. Uma efulathela, ibuya lolwandle liyongena ngokunyonyoba; kodwa lapho ephendula ubuso bakhe futhi, ibuya lolwandle liyabaleka libuyele emuva. UNkulunkulu ubeke umlindi. Lwenzani na? Lunikeza ubufakazi bokuthi uNkulunkulu kaGenesisi, uNkulunkulu weBhayibheli, uhlala enuNkulunkulu! Ngubufakazi, ukuthi, Ukhona!

¹⁰⁰ Besingabiza abanye abaningi, babaprofethi beTestamente Elidala, ukuthi babunikeza kanjani ubufakazi bokuzalwa kukaKristu. Isibonelo nje, kuIsaya, isahluko 9, Isaya 9:6. Amakhulu ngamakhulu eminyaka ngaphambi kokuba kwenzeke, abaprofethi banikeza ubufakazi. Futhi bathi, “Sizalelwe umntwana, siphawe indodana.” Bakwazi kanjani na? Kwakungaba kanjani ukuthi umuntu ozelwe ngowesifazane, azi into enjalo na? Kwakungaba kanjani ukuthi umuntu, amakhulu eminyaka ngaphambi kokuba kwenzeke, asho khona impela

okwakuzokwenzeka, “Sizalelwe umntwana, siphawe indodana”? Washo, “IGama laKhe liyakuthiwa ngu ‘Mluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, UYise ongunaphakade.”

¹⁰¹ Washo ukuthi Wayezozalelwa kuphi. Umprofethi, ephansi kokuphefumulelwa, wathi, “Wena Bethlehem laseJudiya, awusiye omncane kubabusi bonke na? Kepha kuyakavela kuwe uMbusi!”

¹⁰² Yini eyashaya labobaprofethi na? Yini eyabaphefumulela na? Lokho kuphelela okuyikho du! Akusikho lokho kuphela, kodwa abaprofethi basho ukuthi Wayezokwenzani. Abaprofethi baze baMbona ngisho ezalwa, ukuthi Wayezozalelwa kuphi, ukuthi Wayezozalwa kanjani. Hhayi ingane ejwayelekile, ingane nje ezalwa ngomunye wesifazane; Kwathi Wayezozalwa ngendlela eyimfihlakalo, Wayezozalwa yintombi, “Intombi iyokhulelwa.” Yini eyayingashaya umuntu osazokufa ukuba imenze abone lokho, amakhulu eminyaka ngaphambi kokuba kwenzeke na? Kuyikho du ngokuphelele, kusemgqeni impela! Ukhuluma ngobufakazi boMuntu ophakeme, uNkulunkulu ophilayo! Akusikho lokho kuphela, kodwa washo ukuthi Wayezozalelwa kuphi, nokuthi wayezozalwa kanjani.

¹⁰³ Washo ukuthi izwe lalizothini ngaYe. Washo zona impela izibonakaliso nezinto ezazizoMlandela, ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya. Wakufakazisa ukuthi Wayezonqatshwa. Futhi ngisho, eMoyeni, wabubula ngamaZwi aKhe esiphambanweni, amakhulu eminyaka ngaphambi kokuba Azalwe.

¹⁰⁴ UDavide, eseMoyeni. Njengoba ngithanda ukubhekisela kukho, njengoba uJesu athi, “Kungani uDavide, eseMoyeni, aMbize nge ‘Nkosi?’” UDavide, hhayi uDavide, kodwa uDavide eseMoyeni! Kukhona omninginingi umehluko phakathi kukaDavide, noDavide eseMoyeni. Kukhona omininginingi umehluko phakathi kwebandla, nebandla liseMoyeni. “Kwakungani uDavide, eseMoyeni, aMbize nge ‘Nkosi,’ uma WayeyiNdodana yakhe, ethi, ‘INkosi yathi eNkosini yaMi, ‘Hlala Wena ngakwesokunene saMi?’” Ababe basabuza, Mphendula, ababe besaMbuza-mibuzo emva kwalokho.

¹⁰⁵ Kodwa uDavide emaHubweni 22, wangena eMoyeni, uMoya vo! Futhi ngenkathi ekwenza, waze wanikeza ngisho namaZwi Awabubula esiphambanweni. “Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu wami, Ungishiyeleni na? Onke amathambo aMi, ayaNgigqolozela! Nokuthi bazibhoboze kanjani izandla zaMi nezinyawo zaMi!”

¹⁰⁶ Nokho, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu,” nakhu kufika omunye umprofethi, “yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina.”

¹⁰⁷ Ukuba yikho du, ukuphelela kwalabobaprofethi, akukho nalinye iZwi abalikhuluma ngaYe elingafezekanga. Iziprofetho

zokugcina eziyisikhombisa ezinikezwa ngaYe, kwaphendulwa emahoreni okugcina ayisikhombisa esiphambanweni. Ukuthi lonke iZwi lagcwaliswa kanjani, ayikho nayinye into eyashiywa ingenziwe.

¹⁰⁸ Kukhuluma ngani na? UbuHlakani obuphakeme. Kwakungesiwo lawo indoda. Lawo indoda ayeyindoda njengawe nami nje. Kodwa ayephefumulelwe nguMuntu ophakeme owayenikeza ubufakazi bokuthi thina, kulesisizukulwane, nasezizukulwaneni ezizayo, nazozonke izizukulwane eziphakathi kwabo nalapha, zikwazi ukubuka eZwini laKhe futhi zazi ukuthi aqinisile. Kungubufakazi bokuthi iZwi likaNkulunkulu liyiQiniso.

¹⁰⁹ Yonke imisebenzi yaKhe iphelele. Iphelele futhi ihambisana nesikhathi. Ayigeji nelilodwa ihora. Ngezinye izikhathi sicabanga ukuthi izogeka, kodwa ayigeji. Emva kokuba sekwedlulile, sibonile ukuthi ayifikanga ngokushesha kunokunye, bekungeke kubengcono kunokunye. Kuphelele, futhi kuhambisana nesikhathi.

¹¹⁰ Ngisho nasosukwini lwethu namhlanje, uma sibona lemibono yenzeka, nangezinto ezenzekayo. Futhi zishiwo zingakenzeki, futhi siyamangala ukuthi ziyogcwaliseka nini, ukuthi kuyokwenzekani. Kodwa sithola ukuthi ziphelele, futhi zihambisana nesikhathi, ncamashi.

¹¹¹ Bengingacabanga kanjani ngomama wami, ukuthi ngimbone kanjani, esegugile futhi eqhaqhazela. Kodwa-ke ngenkathi Enginika umbono, ngase ngisibona isimo akuso manje, ngidumisa uNkulunkulu! Ngiyazi ukuthi uzobanjalo futhi. Akafike; ulele. UkuKristu.

¹¹² Ukuthi sibona kanjani ukuthi uNkulunkulu ukhuluma lezizinto zingakenzeki! Okokugcina ngenkathi ngisepulpiti yenu, noma ipulpiti lapha, ngakhuluma ngombono iNkosi eyanginika wona ngokwenyukela eNyakatho, nokuthi kwakuzokwenzekani. Nokuthi kukanjani labobafo, beza behla entabeni, bethi, “Mfowethu Branham, uqonde ukungitshela, ndawondawo phakathi kwalapha nakhona lapho ezansi, uhhafu wemayela, ukuthi kuyobakhona ibhere elingwevu, elinezihloko eziyisiliva na? Angikaze ngilibone ngaphambili! Kodwa uzolemukela ngaphambi kokuba ufike lapho na?”

Ngathi, “Lokho kungokuhambisana neZwi laKhe.”

¹¹³ Futhi kwenzeka nje ngaleyondlela! Ngani na? Kunikeza ubufakazi ukuthi Usenguye uNkulunkulu, ukuthi zonke izithembiso zaKhe ziyiqiniso. UNkulunkulu unikeza ubufakazi, nezimfakazo zaKhe ziyiqiniso. Unikeza ufakazi, nobufakazi bufakaza ngofakazi waKhe. Bukhuluma ngobuHlakani. Yebo.

¹¹⁴ Ngenkathi uJesu waseNazaretha efika emhlabeni, yonke imisebenzi yaKhe yamandla yafakaza ngezisho zaKhe. Akukho-muntu owayefanele (neze) aMngabaze. Wathi, “Uma

ningaNgikholwa, kholwani yimisebenzi; uma ningenakuMbona enguNkulunkulu.”

115 “Wena Uzenza! Ungumuntu, Uzenza Wena uNkulunkulu.”

116 Wathi, “Uma ningenakuNgikholwa, khona-ke kholwani yimisebenzi; ngokuba iyizimfakazo zikaNkulunkulu, ifakaza ngokuthi Ngiyilokho eNgakhuluma ngokuthi Ngangiyikho. Uma ningenakuNgikholwa, kholwani izibonakaliso ezazizoNgilandela. Ubengafanele yini uMesiya ukwenza lezizinto na?” Wayeyini na? Ubufakazi? Yafakaza ngakho konke Akwenzayo.

117 UMarta wama lapho ngakuJesu, nomfowabo lapho efile esethuneni. Ukubola kwase kungenile, umzimba wakhe wawungasekho, futhi wayebola nje phandle lapho ethuneni. Izilwanyakazana sasesivele sihuquzela emzimbeni wakhe, izibungu zomzimba. Nobuso bakhe base buwele ngaphakathi. Kodwa wathi, “Nkosi, siyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni. Siqinisekile ngalokho.”

118 Wathi, “Mina ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa Yimi, noma efile, nokho wophila. Ophila Akholwe yiMi, akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?”

119 Wathi, “Ya, Nkosi! Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, ebizakuza ezweni.”

120 “Manje Ngizokukhombisa ukuthi Nginguye OwayenguYe, futhi Ngakhuluma ukuthi Nganginguye. Ngizonikeza ubufakazi kukho. Ngizozifakazela izisho zaMi, ukuthi Nginguye eNginguye. Nimmbele kuphi na?”

Wayesethi, “Nkosi, woza, ubone.”

121 Ngaleyonkathi, ekhombisa izingxenye zokuba ngumuntu kwaKhe. Wayekhala izinyembezi nalabo abakhala izinyembezi. Uhleka nalabo ohlekayo. Usekunqobeni nalabo abasekunqobeni. AsiMgcine esekunqobeni.

122 Waya ethuneni, wayesema lapho ngenkathi begingqa itshe. Futhi lapho lowomzimba omncane ubekwe phakathi lapho, nezibungu zikuwo, usubolile, ubekwe phansi phezu komhlabathi, ubuso sebuwele ngaphakathi, futhi njengoba ukubola kungena. Wakhuluma lawomaZwi, “Lazaru, phuma!” Naleyondoda, eyayikade isifile, yama ngezinyawo zayo futhi yabuye yaphila.

123 Lokho kwenza zonke izisho Ake azisho, ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Wayengaphezu kokuba yiNdodana kaNkulunkulu, Wayeyikho kokubili iNdodana noNkulunkulu. Wayeyitabernakele likaNkulunkulu, ngoba akukho-muntu wesibili owayeyoke abe namandla anjalo. Kuthathe uNkulunkulu uqobo lwaKhe ukubiza ukuphila komuntu kubuye obekade esefile futhi wembelwa izinsuku

ezine. Imisebenzi yaKhe uQobo yafakaza ngazo zonke izisho Azenza. WayenguNkulunkulu.

¹²⁴ Siyazi ukuthi yiqiniso lelo, ngoba Wathi kwakuyilo. Ubufakazi babaprofethi. Ubufakazi bemvelo. Ufakazi wemvelo. Ufakazi wabaprofethi. Ufakazi kaJesu.

¹²⁵ Futhi Akazange Azishiye engenafakazi. UNkulunkulu ubenofakazi waKhe njalo. Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “KuNgifanele ukuba Ngimuke; ngokuba, uma Ngingamuki, Angikwazi ukuthumela loFakazi; lo ongayikufa, uFakazi waPhakade.”

¹²⁶ Wayezalwa ngowesifazane, ngakho-ke Wayefanele abole. . . Wayefanele afe, ngiqonde lokho. UNkulunkulu wayengevume ukuba umzimba waKhe ubone ukubola. Kodwa Wayefanele afe njengosazokufa, ukuba asuse izono zethu.

¹²⁷ Kodwa ngaphambi kokuba Amuke, Wasishiyela uFakazi, uMoya oNgcwele. Cishe impela bonke abaprofethi, kwehle njalo onyakeni, le emuva ekuqaleni kwasekuqaleni, bakhuluma ngaloFakazi omkhulu owayezoba sezinsukwini zokugcina, ebandleni; uFakazi wethu omkhulu, uMoya oNgcwele.

¹²⁸ UMoya oNgcwele unguFakazi wethu. Ungubufakazi. Uluphawu. Ungamalungelo angubufakazi obuqinisekileyo. Uyincwadi ekhishiwe yesibopho ehambisana nomthetho kulolonke iZwi uNkulunkulu alikhuluma. Amen! Ungufakazi ukuthi uKristu uyaphila. Futhi ngoba Uyaphila, nathi siyaphila. Uyisititimende esingubufakazi obuqinisekileyo.

¹²⁹ NoMuntu onje ukuba afike ngezinsuku zokugcina, ukuqondisa iBandla, kwakufaneleka kuNkulunkulu ukuba atshele abantu baKhe ukuthi Wayezoba lapha. Bonke abaprofethi, cishe, banikeza ubufakazi ekufikeni kwaKhe, ngoMoya oNgcwele.

¹³⁰ Emakhulwini-minyaka ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba kwenzeke, uJoweli, indodana kaPethuweli, waprofetha ukuthi Wayezofika. Iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba kwenzeke! Lendodana enkulu kaPethuweli, umprofethi; wayethathwa njengoguliswa yimizwa, engasile ekhanda lakhe, enokwethuka kwemizwa, enamadlingozi, egula ngengqondo; waprofetha, uJoweli 2:28, wayesethi:

Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, usho uNkulunkulu, ngithulule umoya wami phezu kwayo yonke inyama; namadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. . .

. . .phezu kwezincekukazi zami nezincekukazi eziyizisebenzi zami ngiyakuthulula umoya wami, futhi ziyakuprofetha.

Ngiyakuweza izimangaliso emazulwini ngaphezulu nasemhlabeni ngaphansi, izibonakaliso, izinsika zomlilo nentuthu nomusi.

Futhi kuyakuthi, ngaphambi kokufika kosuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi, kuyakuthi bonke ababiza igama leNkosi basindiswe;

¹³¹ Iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba loFakazi omkhulu afike, indodana kaPethuweli wafakaza ngaWo, waprofetha ngaWo. Yini eyashaya lowomfo omncane na?

¹³² Ngitshele ukuthi yini engatshela umuntu, owaye “zalwa ngowesifazane, ngezinsuku ezimbalwa nezigwele ukuhlupheka.” Yilokho ayikho. Tshela mina ukuthi yini eyayingashukumisa ingaphakathi lakhe impela, ukuthi wayekwazi ukubuka adabule ebangeni nesikhathi, bese ebona loFakazi omkhulu eza ebandleni ngezinsuku zokugcina. Ngitshele ukuthi kwakungenziwa yini. Lutho kuphela ubuhlakani, obuphakeme, omkhulu noNkulunkulu usomandla! Yileyonto kuphela eyayingakwenza. Kushaya kumuntu osazokufa, “Umuntu ozelwe ngowesifazane, nogwele ukuhlupheka, nezinsuku ezimbalwa,” njengoba kwasho uJobe 14. “Uyafika njengembali, anqunywe; yebo, aphele, afe.” Kodwa, kulolohlobo lomuntu, uMoya, ubuhlakani bukaNkulunkulu omkhulu nonamandla angephula yonke imigoqo nesikhathi, acindezele phansi adabule lapho noMoya waKhe, bese ekhombisa umuntu osazokufa ukuthi yini ezofezeka. Haleluya!

¹³³ Uma lobo kungesibo ubufakazi bukaNkulunkulu ophilayo, yibuphi obubodwa na? Ongakusho kungakenzeki! Amen. Ongakubona kungakenzeki! Futhi akusho kungakenzeki, ngobuhlakani, nokuphelele ngokuyikho du ukuthi kwenzeka ngayo impela nje indlela akusho ngayo. Uma lobo kungesibo ubufakazi, yibuphi obubodwa na? Yini ebingakhuluma kakhulu ngoNkulunkulu ophilayo na? Impela, Ungufakazi!

¹³⁴ Waprofetha ukuthi kwakuzofezeka, “Ngezinsuku zokugcina, ukuthi Wayezothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama.”

¹³⁵ Iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu emva kokuba uJoweli eprofethile. Ulsaya, indodana kaAmoz, waprofetha mayelana naloFakazi omkhulu owayezofika eBandleni.

¹³⁶ Ngikhuluma ngani na? Ufakazi, ufakazi oqinisileyo, ufakazi wangempela; eMletha ngemvelo, ngabaprofethi, ngeBhayibheli. Manje siyaMthola, ehla engena osukwini Azonikezwa ngalo.

¹³⁷ Iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, cishe iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu emva kokuprofetha kukaJoweli, uIsaya eseshilo. Indodana ka-Amoz, umprofethi omkhulu owanikeza iBhayibheli eliphelele, kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni, ezahlukweni zakhe ezingamashumi ayisithupha-nesithupha; njengencwadi, inezincwadi ezingamashumi ayisithupha-nesithupha kuyo.

Futhi waqala ngendalo, kuGenesisi, futhi waphetha esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Lendoda enkulu, yasho ngaphambili ngokufika kukaMoya oNgcwele.

¹³⁸ Ake sibuyele emuva nje futhi siLifunde. NginoIsaya 28:11. Ake sifunde nje okomzuzwana, futhi sithole lapha ukuthi wathini ngokufika kukaMoya oNgcwele. UIsaya, isahluko 28, asiqale evesini 5.

Ngalolosuku iNkosi yamabandla iyakuba ngumqhele wobukhosi...

¹³⁹ Ukhuluma ngalolusuku olukhulu ukuthi lapho uFakazi ayezofika khona. Yini umqhele wethu na? UMoya oNgcwele usethwesa umqhele!

...umqhele wobukhosi, nesicoco esihle, kuyo insali yabantu bakhe.

¹⁴⁰ I *nsali*, a “bantu lowo oshiyiwe.” “Uyoba yisicoco, umqhele wobukhosi, isicoco esihle!” Cabangani, lokhu yiminyaka engamakhulu ayisikhombisa ngaphambi kokuba kwenzekel!

...moya wokwahlulela kohlezi ekwahluleleni...
(Yilokho Akwenza kithi ealtare.)

...mandla kubo ababuyisa impi...sangweni. (Ake ngibone.) *...babuyisa impi esangweni.*

¹⁴¹ Labo omele Yena futhi okanye naYe, loMoya omkhulu (uMoya oNgcwele oprofethile) uyoba ngamandla akhe omi esangweni, empini. Ungamandla ethu. Sethembele kuYe; hhayi empucukweni, hhayi emfundweni, hhayi ezintweni zezwe. “Akuyi ngempi, akuyi ngamandla, kepha ngoMoya waMi, isho iNkosi.” IBandla liphumule ngesizotha kuLokho! “Uyoba ngamandla akhe omi esangweni.” Hhayi isizinda sakhe sesayense yezenkolo, hhayi ihlelo lakhe, kodwa uMoya oNgcwele uyoba ngamandla akhe. Uyoba nguye omi esangweni. Uyothembele emandleni kaMoya oNgcwele ukuba axoshe owezizwe.

Kodwa labo baduka ngewayini, (manje lalalani), nangezimpuzo olunamandla badukile, “ba” dukile; unpriisti nabaprofethi ngezimpuzo olunamandla badukile, bagwinyiwe iwayini, badukile ngezimpuzo okunamandla; bayaduka ekuboneni, bakhubeka ekwahluleleni.

¹⁴² Ngamany’amazwi, eku *boneni*, abakholelwa ngisho nasentweni enjalo. Futhi e *kwahluleleni*, bathi, “O, inqobo nje uma ujoyina ibandla, kulungile.” Futhi sinani na? Isigejane sezidakwa. Bhekisisani ukuthi umprofethi wathini, nango ufakazi kaNkulunkulu.

Ngokuba onke amatafula agcwele ukungcola, ubuhlanzo nokungcola, kungabe kusabakho-ndawo engangcolile.

143 Ayikho indawo engangcolile; amatafula. Ngani, bayangena, izidakwa nezifebe, bese-bese bethatha ucezu lwesinkwa esilula bese besisika, bese benza isidlo, lapho abangangcolile nabangcolile bedla khona ndawonye. Ubuhlanzo! Amatafula agwele ubuhlanzo.

Ngubani ayakumfundisa ukwazi, osukwini olunjalo na? aqondise bani izifundo na?

144 Obani abebengakwenza, bebe benezehlo okungezabo uqobo zesayense yezenkolo nezinto abathembele kuzo na? Bangeke babuyele eZwini likaNkulunkulu. Bathi, “O, lokho kwakungokwenye indawo. Lokho ngokwesinye isizukulwane.” Amatafula abo agwele ubuhlanzo. Lalelani lomprofethi nalobubhlakani bukaNkulunkulu obuphakeme bukhuluma ngaye.

. . .yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni. Hhayi izingane zebandla!

Ngokuba kuyisiyalezelo phezu kwesiyalezelo . . .

145 Ukhuluma ngeZwi manje. Ungasho ukuthi “UYise, iNdodana, noMoya oNgwele,” ngenkathi Lithi “EGameni likaJesu!” Ungasho ukuthi “xhawula,” kanti Wathi “zalwa ngokusha!”

. . .kuyisiyalezelo phezu kwesiyalezelo, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo; no mudwa phezu . . .umudwa phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana:

Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngi yakukhuluma kulababantu. Haleluya!

146 Ngezindebe ezi *ngingizayo*, “ukuvungama.” Mhlawumbe ibandla lihlezi nje, ekuhlonipheni nasekuthuleni, omunye . . . omunye angakuzwa lokho kuvungama bese eqonda ukuthi bathini. “Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu,” eprofetha ngoMoya oNgwele. “Izindebe ezingingizayo, Ngiyakukhuluma kulababantu.”

Akade esho kubo ukuthi, Lokhu kungukuphumula . . .

147 Manje, nina bazalwane be Adventisti othatha usuku lwesikhombisa, uthini ngalolu na?

. . .Lokhu yisabatha, Lokhu kungukuphumula phumuzani abayethileyo; . . .

148 Nkulunkulu, sinike indoda eyiqhawe ukuba ime esangweni naLelo, futhi ifakaze ngaLo!

. . .Lokhu kungukuphumula phumuzani abayethileyo; . . .lokhu nguku hlumelela: kepha abathandanga ukuzwa.

149 Leyo yingxenywe edabukisayo, abathandanga ukuLizwa. Banikina amakhanda abo, babhuqa futhi bahleka usulu, futhi baqhubekela phambili.

¹⁵⁰ Kodwa uIsaya waprofetha, futhi washo ukuthi, “Kuyofezeka ukuthi Wayezothumela uMoya waKhe, futhi Uyoba ngumqhele wobukhosi eBandleni, namandla akhe omi esangweni.” Sazi kanjani ukuthi kwakunguMoya na? Wathi, “Bangelani, ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu, nalokhu kungukuphumula nokuhlumelela.”

¹⁵¹ Kodwa, ngakho konke Lokhu, babefuna izinhlangano zabo namahlelo abo. Futhi baqhubeka emva kwamatafula abo anobuhlanzo nezwe, futhi bexube ezinjabulweni zezinto zezwe. Abazelwe ngokusha. Bafulathela amaQiniso, futhi baya ezintweni zezwe; futhi benza indlu yeNkosi ibe yisinengiso sokungcola, lapho abanemidanso khona namaphathi, nokuqhubeka; nabesifazane begqoka izingubo ezingahloniphekile nezikhindi, futhi begunda izinwele zabo, futhi besebenzisa opende bobuso; nayo yonke into enjengaleyo, njengoba iBhayibheli laprofetha!

¹⁵² UIsaya wathi babezokwenza lokho. UIsaya, isahluko 5 nese 6. Lifundeni, ukuthi washo kanjani ukuthi abesifazane babezokwenza lokho ngezinsuku zokugcina. Ofakazi bakaNkulunkulu baqinisile. Babethemba ize lezwe, esikhundleni samandla kaNkulunkulu, ukubasindisa. Manje, lokho kwakuyiminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu emva kukaJoweli.

¹⁵³ Iminyaka engamashumi amathathu emva kokuzalwa kukaJesu. Nginabanye abaprofethi abaningana ababhalwe phansi lapha. Kodwa iminyaka engamashumi amathathu emva kokuzalwa kukaJesu, kwakukhona leyonkosana phakathi kwabaprofethi, (o, he) uJohane umBhaphathizi! Wonke umuntu wayazi ukuthi wayengumprofethi ovela kuNkulunkulu, umanduleli wokufika kukaKristu. Okubikezelwe futhi, ngezinsuku zokugcina!

¹⁵⁴ UJesu wathi, “Naphuma ukuyobonani, umhlanga untengantengiswa ngumoya, noma yiliphi ihlelo limphendulela *ngapha* noma *ngapho* na? Hhayi uJohane!” Wathi, “Nahamba ukuyobonani, isikhulu esithize esinohlobo oluthize lwesazi sezifo zengqondo, ukuba sigcine izingubo zakhe nje zingu *kuthi-nokuthi*, futhi simtshela ukuthi ufanele agqoke kanjani?” Wayesethi, “Labo uhlobo olwanga izingane futhi luhlale ezigodlweni zenkosi, futhi lukhulume ezikoleni zomphakathi, kanjalonjalo; alusilo iqhawe, alukho emgqeni ongaphambili, alwazi ukuthi ibanjwa kanjani iNkemba esika nhlangothi-zombili. Niyabo, bawuhlobo olwenza lokho. Kodwa nahamba ukuyobonani, umprofethi na?” Wathi, “Manje, Ngithi, odlula umprofethi!”

¹⁵⁵ Lalelani lenkosana enkulu, iza nesiqephu sesikhumba semvu izisonge ngaso, iphila ngemifino yasehlathini. Haleluya! Kungekho-lwazi lwesehlakalo sasekhohliji yesayense yezenkolo

emva kwayo; kodwa ulwazi lwesehlakalo sokuthi yayikhulume noNkulunkulu, futhi yazalelwa inhloso ukuba ikwenze. Izwi lakhuluma ukuthi yayizofika. Yebo, mnumzane. Yaphumela ezingwini zeJordani, nezinyawo zayo zisodakeni, yathi, “Ningacabangi ukuthi, nina baFarisi enithi ‘sinoAbrahama onguBaba wethu,’ ngokuba ngiyanitshela, uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe.”

¹⁵⁶ Leyonkosana yabaprofethi, leyo eyaba nenhlanhla yokwethula uMesiya; futhi yabona isibonakaliso sikaMesiya, futhi yasiqonda, lapho lokho kuKhanya kwehla kuvela eZulwini futhi kwaya phezu kwaKhe. Wayengufakazi wakho! Wathini ngakho na? Nanka amazwi akhe, lowomprofethi ekusho njengofakazi.

Mina nginibhaphathiza ngamanzi kube ngukuphenduka: kepha yena oza emva kwami unamandla kunami, engingafanele ukuthukulula izicathulo zakhe; yena uzakunibhaphathiza ngoMoya oNgcwele, nangomlilo.

Ombenge yakhe yokwela isesandleni sakhe, uzakushanelisisa isibuya sakhe, abuthele amabele enqolobaneni; kepha amakhoba...washisa ngomlilo ongacimekiyo.

¹⁵⁷ Waprofetha ukuthi kuyobakhona uFakazi weBandla, uMoya oNgcwele! “Mina nginibhaphathiza ngamanzi; lowo ngumsebenzi wami engithunyelwe wona. Ngizonibhaphathiza ngamanzi, kube ngukuphenduka.” Haleluya! “Kepha ukhona Oyedwa oza emva kwami! Ngifakaza ngalofakazi ngamanzi, kepha ukhona Oyedwa ozayo ozothumela into enkulu ngokuthe xaxa. Uzothumela omunye uFakazi; hhayi amanzi, kodwa uMoya! Uzonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.” Haleluya! UFakazi kaNkulunkulu. Uzonephuca bonke ubulunga benu besonto! “Uzoninika ufakazi oqinisileyo, ngokuba Uzonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo. Futhi nembenge yaKhe yokwela isesandleni saKhe. Izembe libekiwe empandeni yomuthi; nawo wonke umuthi ongatheli isithelo esihle, uzogawulwa uphonswe emlilweni. Ngakho-ke, phendukani, lungelani, ngokuba ihora selifikile.” Leyonkosana enkulu, umprofethi omkhulu kangaka pho!

¹⁵⁸ Eminyakeni emithathu kamuva, emva kokuba eseprofethile, uJesu iNkosi yethu wayeseyiqedile inkonzo yaKhe, inkonzo yaKhe yasemhlabeni. Wathi, “Kunifanele ukuba Ngimuke. Ngokuba, uma Ngingamuki, uMoya oNgcwele angeke afike. Kodwa NgizoMthumela. Kuseyisikhashana...Futhi nifuna ukwazi ukuthi UnguBani. Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona; kepha nina niyoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

159 KuLuka 24:49, ekupheleni kwenkonzo yaKhe, ngenkathi inkonzo yaKhe yasemhlabeni isiphelile. Wathi, kuLuka 24:49, “Bhekani, Ngiyathumela isithembiso esishiwo yilezizimfazozo. Ngiyathumela isithembiso uSaya akhuluma ngaso. Ngiyathumela isithembiso uJweli akhuluma ngaso. Ngiyathumela isithembiso bonke abaprofethi, uBaba azikhombisa ngabaprofethi, Ngiyathumela isithembiso sikaBaba waMi phezu kwenu.

...bhekani, ngiyathumela kini isithembiso sikaBaba: kepha lindani emzini eJerusalema... Niyeke ukufundisa kwenu, yekani ukucula, ningenzi lutho olunye kodwa yenyukelani lapho e mzini eJerusalema, futhi nilinde nize nembathiswe amandla avela phezulu.

160 Nhloboni kafakazi okwakuzoba yiyo na? “Linda eJerusalema uze kube usuqede iminyaka engamashumi amabili yesikole esiphakeme noma ikholiji?” “Linda uze kube sewemukele isiqu sakho sobu B. A?” “Linda uze kube usufunde uku—ukukhuluma ngezinye izilwimi, ngakho, uma kwenzekile ukuba Akubizele ensimini yokuba yisithunywa senkolo, ubungazikhuluma na”? Qhabo, kwakungesikho lokho.

161 Vumela nje Amandla avela Phezulu afike, kuyozibonela uma Efika. “Linda uze wembathiswe Amandla.” O Nkulunkulu, kungani abantu bengakuboni lokho na? Akusikho ukujoyina isonto. Kungukulindela Amandla! “Lindani nize nembathiswe Amandla avela Phezulu, ngokuba NgizakuMthumela. Uyisithembiso sikaNkulunkulu, futhi NgizakuMthumela. Ngiyofakaza! Yena, uma Efika, Uyofakaza! Ngokuba, Akayikukhuluma okungokwaKhe, kodwa Uyokhuluma ngaMi.” Amen.

162 Bhekisisani ukuthi Uyokwenzani. “Uyoletha lezizinto eNginifundise zona.” Hhayi into ethize yasekholiji. Ini? “Uyoletha lezizinto eNginifundise zona, ukuba nizikhumbule, ukuthi zingamaZwi kaNkulunkulu. Niyokhohlwa yilo lonke ulwazi lwenu lwesesehlakalo sasekholiji. Niyothola lezi izinto, amaZwi eNginifundise wona. Uyonikhumbuza lezozinto. Futhi, Uyonenzela enye into, Uyonikhombisa izinto ezayo.” Lowo nguFakazi oqinisileyo. Lowo nguFakazi oqinisileyo kaNkulunkulu. “Uyobuyisela iVangeli kini, loMoya oNgcwele! Nakuba beLishiyiwe cishe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, mhlawumbe bangahle baLinyathele phansi kwezinyawo zabo, kwisayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu; kodwa uma Efika, Uyonibuyisela kuLo. Akusikho lokho kuphela, kodwa Uyonitshela izinto ezokwenzeka. Uyokhuluma kini, ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi. Zonke lezizinto Uyozenza. Yonke into uNkulunkulu ayethembisile, Uyozenza. Ngine... Ngizothumela isithembiso sikaBaba.”

163 EPentekoste, ngenkathi Efika, bathini na? Bathi, “Singofakazi baKhe thina. Singofakazi ukuthi lezizinto okukhulunywe ngazo kufezekile.” O, he! Lokho kungenza ngizizwe ngigcwala ukholo. Bemi phezulu lapho, bathi, “Singofakazi baKhe thina. Asinasiqu semfundo.” Babeyini na? Amaproselite, abanye babo babengamaJuda, adumile, al’khuni nanjengesitashi, konke kwase kususiwe kubo!

164 Bukani lowoSimoni Petru owayezenza, ukuthi wayecabanga kanjani ukuthi wayenjengesitashi kakhulu kanjani. Wayengadli-lutho olungcolileyo.

165 Kuthiwani ngalowoPawulu owayezenza, ehlupha amabandla, ndawo zonke! Kwenzekani ngenkathi Ehlangana naLowo, lowoMoya oNgcwele, esendleleni ebheke ezansi eDamaseku ngalolosuku na? Wama phambi kukaFestu wayesethi, “Angihlanyi. Kodwa ngendlela abathi bona yedukile, yileyo ndlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba bethu.”

166 Bathi, “Si—singofakazi baKhe thina.” Manje, kwakukhona ofakazi abathathu abaqinisekayo ePentekoste.

167 Kuqala, iZwi lalabobaprofethi, ukuthi uNkulunkulu wayezothulula uMoya waKhe ngezinsuku zokugcina phezu kwabantu. Ufakazi abaprofethi ababenaye, kwakuyiZwi likaNkulunkulu, Lase ligcwalisekile. Lowo kwakungufakazi oyedwa, umlayezo wabaprofethi wagcwaliseka! “Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama. Bayoba nezindebe ezingingizayo, nezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu.” Kwakulapho-ke. Babengekuphike. Kwase kuthi-ke, kwakukhona ofakazi abathathu. Lowo kwakungoyedwa, ukuthi iZwi labaprofethi lase ligcwalisekile.

168 Omunye ufakazi, kwakungabantu. Babefakaza, “Kukhona into eyenzekile!”

169 “Ngangicashe phezulu lapho ekamelweni. Ngangikhophozela kabi. Nganginamahloni. Nga—nga—ngangazi ukuthi Wayethathiwe, futhi nga—nganginamahloni ngalolonke leliqembu elikhulu elinesithunzi lapha. Nganginamahloni ngabo. Nganginamahloni ukuthi mina, mhlawumbe, ngangingafuni kusho lutho ngakho, ngoba ngangesaba ukuthi ngangizoqala into ethize enamadlingozi, enye.”

170 Yileyo indaba kumabandla azenzile namhlanje. Ayesaba ukuthi azovusa esikhulu kakhulu isiphazamiso. Ayesaba ukuthi ayokwenza into ethize engalungile. O, nina, enizenzile, enizenelise nina! Esikudingayo yipentekoste! Esikudingayo ngukugcwaliswa, ukufika kukaMoya oNgcwele!

171 Bathi, “Singofakazi baKhe thina, ngoba sigcwaliswe ngaWo!” UPetru wathi, “Madoda aseJudiya, nani enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini. Laba kabadakiwe

njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa lokhu kuyiLokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli, ‘Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.’ Siyafakaza ukuthi amaZwi abaprofethi aqinisile, ngoba siyagcwaliswa manje!” O, he!

¹⁷² Yilokho esikudingayo. Yilokho ibandla elikudingayo. Yilokho lezi, ikhulu namashumi ayisikhombisa lezigidi ezizisho ukuthi zingamaKristu umhlaba jikelele, elikudingayo, ngenye ipentekoste! Akusikho ukubuyela emuva bese utadisha iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu; kodwa ukagcwalisa kukaMoya oNgcwele, ufakazi ngaphakathi kuwe, efakaza ngokuvuka kukaKristu, naseZwini likaNkulunkulu. “UJohane wahlala esiqhingini sasePatmose, ngenxa yeZwi likaNkulunkulu, ubufakazi obubhalwe phansi beZwi likaNkulunkulu.”

¹⁷³ Lalilapho iZwi labaprofethi ligcwaliswa. Babelapho abantu befakaza. Futhi wawulapho uMoya oNgcwele uqobo lwaWo! Nampo bobathathu. NeBhayibheli lathi, “Ngomlomo wawofakazi abathathu, amazwi onke mawaqiniswe.” Kunjalo.

Lalilapho iZwi labaprofethi ligcwaliswa.

¹⁷⁴ Babelapho abantu, bathi, “Ikhona into eyenzeke kimi! Ikhona into eyenzikile! Angisesabi. Angikwesabi ukufa. Angesabi lutho. Ikhona into eyenzekile! Ngiyikhohlwe yonke isayense yami yezenkolo. Ngiwakhohlwe onke amasiko ami enziwe ngumuntu. Ikhona into eyenzekile! Makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami, laba kabadakiwe!” Bona, balahlekelwa yiso sokhe isithunzi sabo. Babedakiwe nje eMoyeni! Nje . . .

¹⁷⁵ Yilokho esikudingayo. Yilokho esikudingayo, elisile, iqembu labantu elisile engqondweni elingenyuka futhi libhekane noNkulunkulu, futhi lithi, “Nkosi, ungangenzi ngibe yilunga lebandla, kodwa ngenze ngibe ngufakazi! Thululela uMoya waKho phezu kwami, futhi ungigcwalise. Mangibe ngufakazi waKho.” Yilokho esikudingayo. Yilokho ibandla eliguliswa ukusilela kukho namhlanje. Yisimo sokushodelwa yizinhlayiya ezibomvu zegazi, yingoba lenqabe iGazi likaJesu Kristu.

¹⁷⁶ Yebo, uMoya oNgcwele ufakaza, qobo lwaWo, uthi, “Kunjalo!” Babelapho. Nomuntu wayengeWuphike.

¹⁷⁷ Lawa indoda ayengalindanga esikoleni ukuthola noma yiyiphi imfundo enkulu. Ayeyindoda engazi lutho engafundile, abadobi nabantukazana. Ayengabantu abajwayelekile nje. IBhayibheli lathi, “Abantu abejwayelekile bamuzwa uJesu, ngokujabula.” Hhayi amafuhlufuhlu, qha, hhayi umuntu odumileyo, kodwa, “Abantu abejwayelekile baMuzwa, ngokujabula.” Futhi kwakukhona abantu abejwayelekile,

babeMzwile, futhi bathi, “Singofakazi ukuthi semukele Into ethize; futhi asazi, kul’khuni, ulimi lwakithi uqobo.”

178 Kodwa indoda yathi, “Siziqonda kanjani na? Laba kabasibo abaseGalile na?” AbaseGalile kwakuyisigaba esimpofo sabantu. Bathi, “Kanjani pho sibezwa labo baseGalile bekhuluma ngolimi lwakithi uqobo esazalwa nalo na?”

179 Benikeza ubufakazi bukaMoya oNgcwele, befakaza ukuthi iZwi likaNkulunkulu lase ligcwalisekile! “Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama. Nangezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu, nalokhu kungukuphumula.” Befakaza; ufakazi. Lobu ngubufakazi bakho. Impela.

Babenabathathu ofakazi. Ngani na?

180 IZwi labaprofethi, iZwi likaNkulunkulu. Ngoba, labobaprofethi abakhulumanga izwi labo, kodwa kwakuyiZwi likaNkulunkulu lapho ELifaka emlonyeni wabo.

181 Ngihlezi lapha manje ngibuka owaseNorway omncane, enyanga . . . udokotela, udokotela wezokwelapha ehlezi ngapha, ovela le eNorway, ngapha ukuba akhulekelwe. Futhi ngobunye ubusuku, sisahlezi ndawonye engxoxiswaneni yangasese, uMoya oNgcwele wahamba wangena ekamelweni.

182 Wathi, “Ngilindile, Mfowethu Branham, ukubona ukuthi kuzothiwani.”

183 Lapho uMoya oNgcwele waya emuva le phansi empilweni yakhe, konke emuva le lapho okwenzeka khona into ethize, wamtshela ngakho nokuthi kwenzekani, nokuthi simo sini, konke ngakho, futhi wamtshela leyonto. Kwakuyini na? UMoya kaNkulunkulu unikeza ufakazi!

184 Kukhona mhlampe omunye umfo omncane ohlezi lapha, futhi, ibandla likaMfowethu Palmer lathumela enhla. Edideke konke, futhi engazi ukuthi uzokwenzenjani, futhi wayedabukile ngento ethize. Umfo omncane omuhle; ngicabanga ukuthi uye ekhaya. Kodwa kwakukhona . . . wamthumela enhla lapha. UMfowethu Palmer wangibhalela incwadi, wayesethi, “Mfowethu Branham, ngiyazi ukuthi yisikhathi esikhathazayo,” noma into enjengaleyo, “kodwa uma ungathola ithuba, mbone, ngoba ungumfowethu olungileyo.” Ne—nebandla lalimthumele enhla. Wayesengxoxiswaneni. Esahlezi lapho, lento ethize enkulu ejulile engqondweni yakhe, ngaphambi kokuba abe nethuba lokusho noma yini, uMoya oNgcwele wafinyelela phansi wase ukuthola, wakukhipha, wamkhombisa. Futhi wathokoza, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe. Ngani? UNkulunkulu efakaza! Ngani, ngoWilliam Branham na? Qhabo, mnumzane. NgoMoya oNgcwele! Amen. Lowo nguFakazi kaNkulunkulu.

185 Ake nginitshele enye into. Kwakungani . . . Lomfo omncane ehlezi ngapha, othiwa nguHigginbotham, umdikoni wayelapha

ebandleni; wasisebenza wasiqeda isikhathi sakhe, futhi manje useyilunga elethembekile. Usukumile, kulokhu ukusa, ukuba akhulume ngezilimi, ngiyakholwa, futhi uyaprofetha. Kungani lowoMoya oNgcwele, uthe, kulokhu ukusa, ngenkathi enikeza incazo, “Ngigcobe inceku yaMi ukuba inilethele izinto ebenifanele nizazi na”? O, o, o! Ngani na? Futhi ngimzwile emi lapha, ikhanda lami libheke phansi, bengibindwa yizinyembezi zehlela enhliziyweni yami. Leyondoda ibingasazi lutho, angizange ngisho nelilodwa izwi kuyo noma kunoma ubani omunye, engikhuluma ngakho, ngoba ngisanda kuza epulpiti nje. Futhi ibilapho, yembula indikimba, futhi yatshela abantu ukuba bahlale ngokuhlelekile benzele Wona. “Ngizokhuluma kini,” wathi, “Ngiyithumele ezizweni eziningi, kubantu abaningi, loMlayezo ofanayo. Futhi Ngizokhuluma kini, kulokhu ukusa. ULaleleni,” Washo, “ngokuba Ngiyigcobile futhi ngayithuma ingene.” O Nkulunkulu! Kuyini na? UMoya oNgcwele, uFakazi oqinisileyo kaNkulunkulu. Kuyini na? UbuNkulunkulu buzifake etabernakele kumuntu! Haleluya!

¹⁸⁶ Ini? Bandla, yingalesosizathu ngingenakuwuthatha umbaphathizo kaMoya oNgcwele wokukhala, ukuqhaqhazela, noma ukukhuluma ngezilimi, noma yiliphi ivuso. Alungile, manje. Niyabo? Zona, lezozinto zilungile, kodwa udeveli angakulingisa lokho ngokwangempela.

¹⁸⁷ Kodwa uMoya oNgcwele ungubuNkulunkulu, uNkulunkulu ezifake etabernakele kumuntu! Kungaphezu kwevuso. Kungaphezu kokukhuluma ngezilimi. Kungaphezu kokumemeza eMoyeni. Kungaphezu kokukhala izinyembezi. Kungaphezu kokujoyina ibandla. NguNkulunkulu ehlala kumuntu. UbuNkulunkulu, uNkulunkulu uqobo lwaKhe ezifake etabernakele phakathi kulowomuntu, uma engakhuluma futhi kufana nje njengoba kukhuluma uNkulunkulu, lelo yiBandla likaJesu Kristu. Yingaleyondlela iBandla lokuqala labaphostoli elahamba ngayo.

¹⁸⁸ Ehluke kangakanani, amabandla namhlanje! Ehluke kangakanani, ukuthi sidedile kuLo, selokhu kwaqala inhlango yethu yamahlelo, cishe ekhulwini-minyaka lesibili emva kukaKristu, ebandleni eliKatolika lasekuqaleni, lenza inhlango, futhi lifundisa ukwazi izimfihlo zokudabuka kwezinto ezikhona zomuntu.

¹⁸⁹ Namhlanje, kukhona abantu abaningi, singabantu abenza okuhle. Sijoyina ibandla. Ngilaleleni. Nakhu uMfowethu Higginbotham abekhuluma ngakho kulokhu ukusa; hhayi uHigginbotham, kodwa uMoya oNgcwele ukhulume ngaye. Singabantu abenza okuhle. Sijoyina ibandla, futhi sifuna ukuthanda kakhulu futhi sibe nomoya omnandi. Niyabo? Nje asifuni ukulimaza imizwa kanoma ubani, kusobala qha. Sifuna nje ukuba ngumKristu onomoya omnandi kabi. Sifuna—sifuna ukukhiqiza uKristu.

¹⁹⁰ UKristu akakhiqizwa! Haleluya! O, ukuba nje bengingathola amaZwi athile uNkulunkulu abenganginika wona, ukuze nibone ukuthi ngichaza ukuthini.

¹⁹¹ Imvu ayicelwa ukuba ithele uvalo. Ayicelwa ukuba ikhiqize uvalo kulonyaka. Uma iyimvu, iyoba novolo ngoba iyimvu. Ayidingi ukuba ithi, “Awu, manje ngi—ngi—ngi...Ngikholwa ukuthi ngiyimvu, ngakho kungcono ngisheshise khona lapha, ngifanele ngithole uvalo kabasi.” Ayidingi ukukhathazeka ngalokho. Inqobo nje uma iyimvu, iyothela uvalo. Ayidingi ukuba iwukhiqize.

¹⁹² Awudingi-kukhiqiza ubumnene bokuzenzela, futhi, “Mina, ngine...Mina, manje angifanele ngenze *lokhu*, ngiyazi ngingumKristu.” O, mfowethu, izama ukuzisindisa ngesingayo, ngemizamo okungeyayo yobuntu! Nokho, iqotho.

¹⁹³ Yin’indaba, amapulpiti abuthakathaka, izikole ezibuthakathaka, amakhholiji abuthakathaka. Yileyo indaba, befundisa isayense yezenkolo engeyomuntu! Banika...Uthi, namhlanje, amandla omKristu, bavele nje... .

“UngumKristu?”

“O, ngiyiMethodisti.”

“UngumKristu?”

“O, ngi—ngi—ngiyiBaptisti.”

Manje, lawo ngamandla obuKristu.

¹⁹⁴ Kwehluke kangakanani! Haleluya! Kwehluke kangakanani kuleloBandla lokuqala! Babengenalutho lwalezizinto ukuba bazisho. Kodwa babekade begcwaliswe ngaMandla asebenza emzimbeni, aMandla kaMoya oNgewele, ayekade ebakhululile esonweni nasekufeni. Babengesibo abayibo ngegama nje. Babenothando lukaNkulunkulu luvutha ezinhliziyweni zabo, olwabathumela ekufeni.

¹⁹⁵ UBecky, indodakazi yami, yayingifundela, *IZilwi ezinamandla*, ngobunye ubusuku. Wathi, “Lalela lokhu, baba.” Futhi ngeke ngakwazi ngalesisikhathi, ngiyaxolisa, ngeke ngalibiza igama. Kodwa u—umKristu osemncane wayejikijelwe ngaphandle, njengesilwi esinamandla, ukuba alwe enkundleni enkulu evalekile yamaRoma.

Ngike ngama kuleyonkundla enkulu evalekile, ngikhuleka. Izindonga ezindala seziwela ngaphakathi.

¹⁹⁶ Futhi lapho behlezi lapho, futhi nje ba—babethanda ukuzibona. Zazibulalana. UNkulunkulu ekhuluma... Ezinsukwini zakudala, zi—ziyahlangana nje bese ziyabulalana, futhi kwakuyilokho. UNkulunkulu wayephambene nalokho.

¹⁹⁷ Futhi omunye waba-nesibindi, omunye wa—omunye wazo impela izibonakaliso zokuqala zobuKristu, wala ukubulala umuntu. Kunjalo. Futhi ungambulala ngezindlela eziningi

kunokuba nje umxhonxe ngommese; ukhulume ngokumelana nesimilo sakhe, izindlela eziningi ongakwenza ngazo.

¹⁹⁸ Kodwa lesisilwi esinamandla, badedela ibhubesi laya kuso. Futhi nangokuqina namandla kaNkulunkulu, sabulala lelobhubesi ngenkemba yaso, ummese. Abantu bashaya ihlombe; kwakuyiqhawe. Basukuma. Badedela elinye, futhi walibulala ngenkemba yakhe. Base-ke bededela umuntu, omkhulu, odumile, omude, umhedeni ongumAfrika omnyama. NalomKristu kwakufanele alwe naye, ayengafuni ukukwenza. Kodwa, ekulweni, wamshaya wamlahla phansi u—umAfrika, wayenkemba yakhe eseyimise mpo phezu kwakhe. Kusobala, umAfrika wathi, “Mnumzane, ngibulale masinyane, ukuze ngingabuzwa ubuhlungu. Ungangizwisi ubuhlungu. Ngibulale masinyane!”

¹⁹⁹ UmKristu waphosa inkemba yakhe ngale, wakhumula izikhali zakhe, wahamba waphumela kumbusi, wayesethi, “Mbusi, ngingumKristu. INkosi noMsindisi wami iyasenqabela ukuba sithathe impilo yomunye nomunye. Ngizoyithatha impilo yesilwane sasendle, kodwa hhayi eyomfowethu. Ngiyala ukubulala umuntu.”

²⁰⁰ Bonke ababusi baseRoma, kanjalonjalo, basukuma, base bethi, “Usho ukuthi isigqila esiyisilwi sizokwala ukulalela iphimbo laseRoma?”

²⁰¹ Base bebiza indoda, “Gxuma, uthathe leyonkemba usibulale!” Yagxuma, yase ithatha inkemba yomKristu. UmKristu, engahlomile, weneka izandla zakhe. Nendoda yamhlaba kwaphumela enhliziyweni, ngenkemba, kwaphumela ngqo enhliziyweni yakhe, ngenkemba. Futhi lapho ukuphophoza, phakathi kwegazi ligobhoza, futhi ligwalisa amaphaphu akhe, ngenkathi lommese omkhulu udabula emaphashini akhe, umKristu omncane wawa ngamadolo akhe, wayesethi, “Nkosi Jesu, yemukela umoya wami.” Futhi sikhuluma ngokuhluphekela uKristu? Buyoba yini ubufakazi bethu, ngendoda enjengaleyo na?

O, ukukholwa kobaba bethu! kusaphila
Naphezu kokuba kungumgodi wetilongo,
ilangabi, nenkemba.

²⁰² Lawo kwakungamadoda, ayesho ukufa uma evuma uKristu. Ayekade enzeni na? Ayekade emukele uFakazi. Ayegwaliswe ngoMoya oNgcwele. LawomaKristu okuqala lalingakwesabi ukufa. Emva kwalokho, uMbusi wamaRoma wabona ukuthi kwakukhona into ethize ngawo. Enzani na? Akukhetha, ayesehambisana ase enza ihlelo kukho; base nje bebangenisa ngokukufundela, ngaphandle kokwemukela loFakazi.

²⁰³ Kulapho-ke lapho bekhona namhlanje, iLuthela, iBaptisti, iPresbyterian, namaningi kakhulu amaPentekostal, abizwa kanjalo, sihamba sehla ngaloluhambo ngaphandle

kokwemukela uFakazi kaNkulunkulu. NoMoya oNgcwele unguFakazi wethu. Yebo, mnumzane. Kwehluke kangakanani, lawomabandla angalolosuku!

²⁰⁴ Ibandla lanamhlanje lingukuthi, “Joyina ibandla nje.” Njengesisho esidala sithi, “Uma umuntu ejoyina ibandla, ugqoka ibhantshi elisha.” Kunjalo. Kodwa uma egcwaliswe ngoFakazi, bafaka umuntu omusha ebhantshini. Akusilo ibhantshi elisha kumuntu; ngumuntu omusha ebhantshini! Esikudingayo namhlanje ngomningi umuntu omusha ebhantshini! Lelo yibhantshi labefundisi, engikhuluma ngalo. Yebo, silidinga ngokwehlukile. Abasekuqaleni. . .

²⁰⁵ Lelibandla namhlanje lizama ukuzisindisa lona, ngemisebenzi emihle yalo uqobo. “O, ngingumKristu, ngifanele ngibe nomoya omnandi ngempela. Ngifanele ngenze *lokhu*.”

²⁰⁶ Kodwa lelobandla lokuqala, babenzani na? Belindile. Bengazami ukuziguqula bona, kodwa babelindele uNkulunkulu uqobo lwaKhe ukuba afike futhi abaguqule, besuka ekubeni abafarisi, kuya ekubeni ngofakazi.

²⁰⁷ Futhi esikudingayo namhlanje ngokunye ukulinda kuMoya oNgcwele, uFakazi kaNkulunkulu, ukuba afike asiguqule ekubeni yisigejane sabaFarisi, ababandayo nabanjengesitashi, sibe ofakazi bokuvuka kukaJesu Kristu. Haleluya! UMoya oNgcwele awusilo igobolondo elingenalutho, indawo lapho abantu beya khona futhi. . .

²⁰⁸ Nebandla alisilo igobolondo elingenalutho, njalo, indawo lapho abantu beya khona, nehholo elikhulu elidala, isakhiwo, noma enye into ethize, ebiza amadola ayikhulu lezigidi, noma enye into ethize. Futhi sisebenzisa yonke imali yethu entweni enjengaleyo, sibeka izigidi ngezigidi ngezigidi zamadola. Ibandla selingcono kakhulu namhlanje, kwezezimali, kunoma lake laba ngcono. Kodwa, sithenga izakhiwo. Futhi lapha ngibona inhlangotho enkulu ibeka amadola ayizigidi eziyisithupha, ngapha eMissouri, endaweni. Lapho khona be, ngaso sonke isikhathi, futhi sithi, “UkuFika kweNkosi sekuseduze,” inhlangotho yamaPentecostal. Amanye, amaPentecostal, akhuphuka ephuma emaceleni emigwaqo, nezinto ezinjalo, futhi azama ukwakha izakhiwo ezinkulu ezedlula ezinye, bese ethola umshumayeli ofunde ukwedlula bonke abangamthola phakathi lapho.

²⁰⁹ Futhi ayaqhela kukho konke ukugcwalisa kukaMoya oNgcwele, ayaqhela ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, ayaqhela kuMoya oNgcwele, aMandla!

²¹⁰ Futhi konke esikwenzayo manje ukuzama ukuncintisana namaMethodisti. Futhi manje sesijoyine lezizinhlangano ezinkulu zamabandla, kanjalonjalo, ngokoqobo siphika ukuma kwethu kobuvangeli, ngoba sihlelile, sajoyinana. Manje sebengaboMkhandlu wamaBandla. Amahloni anje pho! Ihlazo

elinje pho, ngento enje pho! Kuyadabukisa, namathuba ezwe elifayo, nobukhomanisi bulidla buliqeda! Nobukhomanisi babunjwa ngenxa yobuthakathaka bobuKristu; kunjalo, okubizwa ngobuKristu.

²¹¹ Ithuba elinje pho iBandla likaNkulunkulu ophilayo elinalo namhlanje, ukuba lisukume ngezinyawo zalo, nofakazi wombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi lizamazamise lelizwe!

²¹² EBhayibhelini, uJeremiya, isahluko 42, babenesikhathi njengoba benaso manje. Babesaba ukuthi inkosi yaseBabiloni yayiza neno ukuba ibathathe. Nabobonke abadumileyo, nezikhulu ezinkulu nezinto, ababakholwanga labobaprofethi. Babefuna ukusho nje ukuthi babekwenza, ukuba babe ngabenkolo. Ngakho babizela ehla uJeremiya omdala, futhi babecabanga ukuthi wayehlanya. Bamkhiphela ehlane lapho, mhlawumbe ezisonge ngoblankethe, nezinwele zilenga phezu kobuso bakhe, edla imifino, nanoma yini ayengayithola endle ehlane, ukuba ayidle. Benyuka, base bethi, “Mprofethi, sitholele, intando yeNkosi.” Bathi, “Sitshele ukuthi sizokwenzenjani. Futhi sizoyilalela iNkosi, noma ngabe kubi noma kuhle.”

Wathi, “Ngizonifunela eNkosini, ke.”

²¹³ Waphuma, wayehambe izinsuku eziyishumi ngaphambi kokuba iNkosi ikhulume kuye. Uyabuya, wayesebabizela ndawonye bonke, wayesethi, “Ngino ISHO KANJE INKOSI.” Wathi, “Yizwani, nina bantu!” Haleluya! “Niyayesaba inkosi yaseBabiloni,” njengoba sesaba iRashiya. Wathi, “Nonke nilungela ukwehla niyongena eGibhithe, ngoba niyazi iyeza.”

²¹⁴ Futhi sibaleka sisuka edolobheni siye kwelinye, sizama ukubalekela amabhomu ama atomu, nemipheme yezindlu nakho konke okunye. Kuzosiza ngani na? Susani umbuzo wesono!

²¹⁵ UJeremiya wathi, “Uma nizophendukela kuNkulunkulu, ninikele inhliziyu yenu kuNkulunkulu, nibuyise izinhliziyu zenu, futhi nigcine imiYalo yaKhe nezimiso zaKhe, futhi nenze lezizinto okulungileyo, khona-ke ningayesabi inkosi yaseBabiloni.

²¹⁶ Niyazi ukuthi abantu bathini lapho bezwa u—ufakazi kaNkulunkulu na? Bathi, “Wena uprofetha ngamanga. Siyongena eGibhithe.”

²¹⁷ Lapho behlela lapho, uJeremiya ufika wayesethatha amatshe amabili, wase ewabeka emgodini webhitume, wathi, “Inceku yami, iNkosi uNebukadinezari, uzokwehlela lapha ngqo. Uzolithatha, noma kanjani! Nizofa ngenkemba, noma kanjani.”

²¹⁸ Mfowethu, ayikho indlela kulolusuku, nhlobo, ukubalekela lokhu ukulahlwa okulindele abantu; ngaphandle kokwenziwe ifeshini endala, ukuphenduka okuthunyelwe nguMoya oNgcwele.

219 Angiphambene ngalutho nabazalwane bami. Futhi ngikhuluma ngami, kodwa singabavangeli. UBilly Graham, umvangeli omkhulu; uOral Roberts, umvangeli omkhulu. Labo yindoda enkulu. Siyabathokozela.

220 Kodwa, asibadingi abavangeli. Yini na? Ukuhlela ezombusazwe, sihlanganisa iMethodisti neBaptisti nawo onke amaqembu amaPentecostal ndawonye, ukuba sibambisane futhi sikhombise ukuthi singaba bakhulu kanjani, nokuthi bangaki esingabahosha. Asikudingi lokho.

221 Sidinga ukulinda kuNkulunkulu, uMoya oNgeweze uze ufike ngaMandla nokukhululwa. Sidinga osonsindiso, hhayi abavangeli. Sidinga insindiso. “Singayithatha lentaba! Ingubani lentaba ephambi kwethu, abayakhayo na? ‘Iyoba njengethafa,’ kwasho uNkulunkulu. ‘Hlalani ezweni!’” Kunjalo.

222 Esikudingayo namhlanje nguku (hhayi imvuselelo) bhoboka kwensindiso, njengasezinsukwini zemvuselelo yaseWales! Ngenkathi abantu ezitolo bezizwela ukuphenduka, bekhala, amajoyinti otshwala obungekho emthethweni nezindawo zokuzijabulisa zavalwa ngci, futhi bahamba beyokhala izinyembezi futhi bekhuleka, yilokho esikudingayo namhlanje. Hhayi ukubutha ikhulu namashumi amahlanu lezinkulungwane, njengoba benza ngoluny’usuku, abanye babo bethi, “yethi Mariya,” nomunye esho enye into, umkhuleko omncane; futhi baphume bese bethola uphuzo lwenhlaliswano, bese bebuyela emuva. Lolo akusilo usuku lomkhuleko. Sidinga usuku lokukhala izinyembezi nolokulila, futhi silinde uNkulunkulu aze athumele uMoya oNgeweze, uFakazi waKhe! Hhayi igobolondo elingenalutho, hhayi ihlelo elingenalutho; kodwa ubuNkulunkulu obufakwe etabernakele kumuntu!

223 UJesu wathi, kuMarku 16, ukuthi uMoya oNgeweze, uma Efika, Uyofakaza kuzo zonke izizukulwane ezilandelanayo, kuze kube sekupheleni. Wathi, “Lezizibonakaliso! Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo; lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni.” LoFakazi uzoba khona kuze kube nini na? Kuze kube sekupheleni kwezwe! Kuze kube nini na? Zonke izizukulwane! “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Bayokhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bethathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, ngeke kubalimaze. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” UJesu washo ukuthi uMoya oNgeweze Ayethe wayezomthumela wayezoba nguFakazi, kuze kube sekupheleni konyaka, zonke izizukulwane kamuva.

224 Manje, ngokuthi Washo lokho, singofakazi baKhe thina! Amen. Sengivala, futhi lalelisani, yembathani ukuqonda kwenu manje futhi nilalele njengoba sengivala. Singofakazi baKhe thina, esemukele uMoya waKhe.

225 AmaZwi aKhe ayafakaza, “Ngezinsuku zokugcina, ukuthi, kuyoba khona ukuwa, futhi kuyovumbuka obandayo, ogcina umthetho ngamehlo nje, unyaka webandla ongenamandla.” Siphila lapho-ke. Ibandla elalingenamandla, “Linesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla bewaphika, labo-ke wobagwema!” Unikeza isibonakaliso, ukuthi, “Kuyobakhona izikhathi lapho umuntu eyohlala khona ethempelini likaNkulunkulu, ezikhomba yena ukuthi wayenguNkulunkulu. Uyofika, ebusa izizwe.” Kuphelele kanjani, zonke lezizinto! Ukuthi iZwi likaNkulunkulu beliphelele kanjani.!

226 Ukuthi inkosi uNebukadinezari waba kanjani, emuva lapho ngenkathi ephupha lelophupho, noDanyeli wamhumushela lona; ukuthi yaba kanjani leyomibuso, ngamunye, kusukela kowaseBabiloni, kuya kumaMede namaPeresiya, kuya kumaGreki, nakumaRoma; lapho nje iwa, lona impela usuku lwenyanga, isikhathi, nayo impela indlela uNkulunkulu athi kwakuyokwenzeka ngayo.

227 IZwi likaNkulunkulu lingufakazi oqinisile! NeZwi likaNkulunkulu lathi, “Ngezinsuku zokugcina kuyofika izikhathi ezinzima, nezinhliziyo zomuntu ziyohluleka wukwesaba, nokudidwa yizikhathi, nosizi phakathi kwezizwe. Futhi kuyofika ukuwa kusukwa eBandleni. Nomuntu uyosukuma, futhi bezikhomba ukuthi bayizikhulu ezinkulu kanjalonjalo, futhi babe—babe namandla baqhele eBandleni; futhi babe nesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi baphike Amandla angempela kaNkulunkulu.” Ukujoyina ibandla! Wakhuluma ngebandla lingena kulesosimo.

228 Singufakazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu ligewaliswiwe. Ibandla likulokho, yonke inhlango ikulesosimo esifanayo khona manje. Ngizo—ngizophosela inselelo noma yimuphi umuntu ukuba angikhombise noma yiyiphi inhlango esemlilweni yenzela uNkulunkulu, egewaliswe ngoMoya eNgcwele, nezibonakaliso zibalandela. Sukuma ungitshela eyodwa, noma yiyiphi inhlango! Ayikho into enjalo. Ayikho emakhasini. Kunjalo. Zonke azinamandla futhi zifile. Itholeni!

229 Kodwa futhi Waprofetha ukuthi kuyoba khona iBandla langempela ngalolosuku, umhlambi omncane, insali. Wathi uyoba khona, futhi uyoba khona. “Kuyoba khona abantu abamaziyo uNkulunkulu wabo,” kwasho umprofethi, “bayophikelela ngezinsuku zokugcina.”

230 Wathi kuyobakhona iziNkanyiso zakusihlwa ngosuku lokugcina. Umprofethi washo njalo! Ufakazi weqiniso kaNkulunkulu washo njalo, “Kuyobakhona iziNkanyiso zakusihlwa.” Yini ukuKhanya kwakusihlwa na? Kuyafana nokuKhanya kwasekuseni. Umprofethi wathi, “Kuyobakhona usuku lapho okungayikuba ngubusuku noma imini,” isikhathi esihwaqabele njengoba kunjalo phandle namhlanje,

ukukhanya okwenele nje ukubona ukuthi unгахambahamba kanjani khona la, Kodwa wathi, “Ngesikhathi sokuhlwa, kuyoba ngukuKhanya.” Kuyoba yini na? Bonke bayabuya, babuyela esikhathini sasekuqaleni! “Kuyobakhona iziNkanyiso zakusihlwa ngosuku lokugcina, zikhanya.”

²³¹ Wathi, “Kuyobakhona umprofethi osukumayo ngezinsuku zokugcina,” uMalaki 4, “enikeza izibonakaliso zezinsuku zikaLoti, njalonjalo, eprofetha futhi ukuba abantu babuyele emuva. ‘Babuyele emuva ekuKholweni kobaba bepentekoste bakuqala! Babuyele emuva kokwasekuqaleni! Babuyele emuva eBhayibhelini! Basuke enhlanganweni nehlelo, futhi babuyele kokokuqala! Babuyele kwipentekoste yasekuqaleni, baye ekugcwalisweni ngoMoya oNgcwele kwasekuqaleni, baye eMandleni kaNkulunkulu asekuqaleni!’” IZwi liyafakaza ukuthi lokho kuzokwenzeka.

Kuyobakhona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela eya enkazimulweni impela niyoyifumana;
Endleleni yamanzi, ngukuKhanya namhlanje,
Ningcwatshwe eGameni elihle likaJesu.
Bancane nabadala, phendukani ezonweni zenu zonke,
UMoya oNgcwele ngempela uyongena;
IziNkanyiso zakusihlwa sezifikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu bamunye.

²³² UFakazi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele uqobo lwaWo uhlala kithi, awusoze Wazimatanisa nenhlangano. Ungeke wamhlela uNkulunkulu. UnguNkulunkulu! Lizoba yini na? Libuyele emuva ngendlela elaliyiyo endaweni yokuqala. Liyobuyela ekuqaleni, libuyele kokwasekuqaleni, libuyele lapho elaqala khona. Liyobhaphathiza ngendlela efanayo abayenzayo. Liyofundisa ngoMoya oNgcwele ngendlela efanayo elenza ngayo. Bayofundisa abantu ngendlela efanayo elayenza. Liyoziqhelanisa nezinhlango njengoba benza. Liyoba nendawo yabo bonke, njengoba benza, lowo oyofika. Bayoba ngabahlanzekile nabangcwele njengoba benza. Bayogcwaliswa ngoMoya njengoba babenjalo. Abayikwesaba njengoba babenjalo. Nezinto ezifanayo ezenzeka kubo, ziyokwenzeka kulaba ngezinsuku zokugcina, ngeziNkanyiso zakusihlwa, njengoba kwakunjalo emuva ngaphambili.

Nkulunkulu, thumela leloPhimbo, bizela ngaphandle!

²³³ Sinazo zonke izinhlobo zofakazi. Sinazo zonke izinhlobo. Sinofakazi wamaMethodisti, ufakazi wamaBaptisti, ofakazi bamaPresbyterian, ofakazi bamaKatolika. Ngizoshumayela ngeSonto elizayo, iNkosi ithanda, ngezizigaba ezine ezehlukene

zebandla, uma iNkosi ithanda. Manje sinazo zonke izinhlobo zofakazi namhlanje, kodwa munye uFakazi oqinisileyo.

²³⁴ Imvelo isafakaza ukuthi uNkulunkulu ukhona. Usalokhu enguNkulunkulu, njengoba Wayenjalo, umuthi wokuqala ake awudala. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²³⁵ Abaprofethi, abaprofethi emuva le, ufakazi futhi wayeneZwi likaNkulunkulu, futhi wakhuluma iZwi likaNkulunkulu, futhi Lagcwaliswa phambi kwabo ngqo. NoNkulunkulu wathi, “Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye, ngemibono, ngikhulume kuye ngamaphupho. Futhi uma akushoyo kufezeka, khonake muzweni.”

²³⁶ UNkulunkulu ofanayo wenza into efanayo namhlanje. Sibona yona impela into efanayo yenzeka. Wakhuluma ngokuthi iziNkanyiso zakusihlwa, ziyofika, ukubuya. “Uyoba khona osukumayo, oyophendulela ukuKholwa kwabantwana kubuyele koyise, ngaphambi kokuba lolosuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi lufike oluyoshisa umhlaba njengeziko.”

²³⁷ Futhi sibona amabhomu ama atomu elenga ngaleya. Sibonile lapho amaRashiya eqhumise khona awawo, ngolunye usuku, eshisa kakhulu ngokuphindwe kamashumi amahlanu futhi enamandla kakhulu kunalelo laseHiroshima. Akumangalisi iJapani ikhalela ukuthula, ikhala futhi ikhuleka! IHiroshima, lapho lishisa amehlo awo nezilimi, amakhulu amamayela kude, naleli abaliqhumisa lalinamandla amakhulu ngokuphindwe kamashumi amahlanu. Manje, ngiyabona lapho imvithi yokusakazeka yageja khona iMelika, lapho lizungeza; kodwa lapho libuya, liza phezu kweMelika futhi. Imipheme yemvithi yokusakazeka na?

²³⁸ Nginyanitshele, sekuyisikhathi sokuwa ngaphandle, kulungile, ukuwa ngaphandle kwezinto zezwe! “Wena uyowa kuphi, Mfowethu Branham na?” Ngibuyele ezingalweni zikaNkulunkulu! Kunjalo. Udedele uMoya oNgcwele ufakaze. UnguFakazi kaNkulunkulu.

Asikhuleke.

“Sizowa kuphi, Mfowethu Branham na?”

²³⁹ Siyakukholwa Lokhu. Siyakholwa ukuthi iZwi liqinisile. SiyaLibona ukuthi liqinisile. Siyabona ukuthi Wakuprofetha lokhu ngezinsuku zokugcina. Siyakubona. Sibona umuthi ufakaza. Siyazibona izimbali zifakaza. Siyalibona iZwi laKhe lifakaza. Siyawubona uMoya waKhe ufakaza.

“Sifanele senzenjani, Mfowethu Branham na?”

²⁴⁰ Welani ngaphandle, welani ngaphandle kwezwe. Welani ngaphandle kwezinto enikuzo. Yencikani nje, nje. . .

“Siyowela kuphi, Mfowethu Branham na?”

²⁴¹ Balekelani ezingalweni zikaNkulunkulu, nithi, “Nkosi, ngigcwalise. Ngigcwalise, O Nkosi, ngoFakazi waKho. UMoya oNgcwele mawube ngumholi-mqondisi wami. MaWungabi... Mangingajikelezi usuku nosuku, ngithi, “Awu, ngi—ngi—ngingumKristu, angifanele ukuba ngenze *lokhu* futhi angifanele ngenze *lokho*.” Mangibe nje semfuthweni wamandla, ngoMoya oNgcwele, ukuthi umphefumulo wami ngeke wama uthule.”

Wena uthi, “Ngesaba ubuhlanya.”

²⁴² Ungalokothi ukhathazeke. Uma uwela ezingalweni zikaNkulunkulu, ngeke kube khona nobubodwa ubuhlanya.

²⁴³ Emvuselelweni yaseWales, ngenkathi umholi omkhulu waleyomvuselelo yaseWales... Bathi kuye, bathi, “Uzoba nesigejane sobuhlanya.”

²⁴⁴ Amazwi kuphela ayezowakhuluma, ayengukuthi, “Phumula, futhi udedele uMoya oNgcwele ube nendlela yaWo; phumula, futhi udedele uMoya oNgcwele.” Akukho nelilodwa ichashazi lobuhlanya obuvukayo. Qhabo, bonke ngeqiniso babezalwa nguMoya.

²⁴⁵ Imvuselelo kaMoya oNgcwele! O Nkulunkulu, Uthumele phezu kwebandla lami elincane, Baba! Uthumele phezu kwalababantu abalindile! Njengoba sricula leloculo elidala, Baba, izikhathi eziningi kakhulu:

Babesendlini ephezulu,
Bonke babenhliziyonye,
Lapho kwehla uMoya oNgcwele
Owethenjiswa yiNkosi yethu.

O Nkosi, thumela Amandla aKho manje nje,
Nkosi, thumela Amandla aKho manje nje;
Yebo, O Nkosi, thumela Amandla aKho manje
nje
Futhi ubhaphathize bonke.

²⁴⁶ Baba Nkulunkulu, kusukela kubantwana abancane, nginamantombazane amabili nabafana ababili kulendlu namhlanje, Nkosi, abantu abasha; Nkosi, thumela Amandla phezu kwabo. Abanye abesilisa nabesifazane balapha nabantu abasha; thumela Amandla manje nje.

²⁴⁷ Omama bahlezi lapha, nobaba, mhlawumbe uma bebefa namhlanje, bebezodingeka bawele i—iJordani, bebodwa. Futhi, O Nkulunkulu, uma sebehlela kulokho, sebesondela eduze kwalologu, lapho umphefumulo usuzophuma, umbani ubaneka, nolaka lukaJehova phezu komzimba onesono ozalelwe esonweni, ukuthi amagagasi ayothi fu kanjani nemibani iduma, namagagasi amakhulu, namaxhaphozi ayingozi. O Nkulunkulu, kwangathi bangaxilisa okwehange manje nje kuJesu, ukuthi uma kufika lesosikhathi, ngokwazi ukuthi kukhona ihange elibambelelayo, eliyobahola libaqondise

bawele onke amaxhaphozi anengozi. Umbani noma lutho olungabacwilisa. Baphephile noJesu. Siphe khona, Nkosi.

²⁴⁸ Sihawukele. Sithethelele izono zethu. Siphe khona, Nkosi. Sigcwalise ngoMoya oNgcwele.

²⁴⁹ Kwangathi singeneliseke nje, Nkosi, ngokujoyina ibandla futhi sizama ukuba ngumKristu, ngokuba ngumzamo wokuzenzela, ngenyindlela ukuzama ukukhiqiza into ethize, sithi, “Manje nga—ngajoyina ibandla, nabantu bazongithatha ngokuthi ngingumKristu. Futhi manje angifanele ngenze *lokhu* futhi angisafanele nhlobo ngenze *lokho*, ngoba ngingumKristu.” O Nkulunkulu, kwangathi singasuka kulesosimo somFarisi; Nkulunkulu, lesosigejane sabazenzisi! O Nkulunkulu, ngandlela thize vumela uMoya oNgcwele ukhulume lokho engiqonde ukukusho, Nkosi. Angikwazi ukuthola amazwi okukusho. Asifuni ukuba ngabaFarisi bokuzenzela.

²⁵⁰ Nkulunkulu, sivumele ngokwethu... ngobuNkulunkulu. Sigcwalise ngaMandla namandla asemzimbeni, ize ithi imiphefumulo yethu ivuthe, ukuthi ukuqina kwethu kuzoba nguYe. Ubufakazi bethu buzoba nguNkulunkulu. Amazwi ethu azoba ngawaKhe. Odeveli bazothuthumela. Izwe lizozamazama nedwala phansi komfutho waLo, Nkosi. Uma kuphela Ungathola abantu abavumayo ukulinda eNkosini!

Labo abalinda eNkosini, bayothola amandla amasha,
Bayokhuphuka njengamaphiko okhozi,
Bayogijima bangakhathali, bayohamba bangapheli amandla;
O, ngifundise, Nkosi, ngifundise, Nkosi, ukulinda.

Ngifundise ukulinda lapho izinhliziyo zivutha, (Imvuselelo enkulu ehambayo ezweni lonke, bethi banezinkulungwane ngezinkulungwane, kanjalonjalo, Nkosi; izinto ezinkulu ezifekethisiwe.)

Mangithobe ukuzazisa kwami, ngibize iGama laKho;

Gcina ukukholwa kwami kwenziwe busha, amehlo ami ekuWe,

Mangibe kulomhlaba Ofuna ngibe yikho, Nkosi.

²⁵¹ Kwangathi singazehlukanisela izikebhe zethu ezincane eziyizintengentenge, kulokhu ukusa, lelitabernakele elincane elijabhisayo lenyama esicabanga kakhulu ngalo, ukusebenza izinsuku eziningi kakhulu ukuligcina liyindawo ethokomele, futhi sihlala emakhaya amahle nezimoto ezinhle. Futhi, O Nkulunkulu, bese-ke sibhekisa amehlo ethu kulokho, futhi siwasuse kule enkulu i re- . . . isihlengo. O Nkulunkulu, masibeke

eceleni lezizinto ezincane eziyizintengentenge, ukwazi ukuthi sizishiya lapha emhlabeni. Asifune lelogugu laseZulwini, lowoMoya oNgcwele, lowoFakazi oqinisileyo kaNkulunkulu.

²⁵² Impumelelo ayifakazi neze ngoNkulunkulu. UMoya ufakaza ngoNkulunkulu. Noma ngabe amahlelo ethu ayakhula, kumbe noma ngabe ibandla lethu liyakhula, kumbe noma ngabe sinawo impela amalunga amaningi, kumbe noma ngabe sigqoka kahle, noma sishayela izimoto ezinhle, noma sidla ukudla okuhle, kwenza mehluko muni lokho na? Sifanele sikushiye. Lokho kwakuzomsiza ngani umama wami omdala uqobo ngoluny'usuku, ezabalaza ngapho na? Ngiyaqonda, Nkosi, lezozinto azithi shu.

²⁵³ Futhi kwangathi amehlo ethu angagxila kuJesu nakuMoya oNgcwele, futhi Makangene ezinhliziyweni zethu futhi sibe ngofakazi. Kwangathi singaba ngufakazi waKhe, Nkosi. Kwangathi singama kulesosimo, Baba, futhi sifakaze.

²⁵⁴ Okubekwe phezu kwalelipulpiti kulokhu ukusa, kubekwe amaduku angagcwala isandla, avela kwabagulayo nabahluphekile. Nkulunkulu, makube nguNkulunkulu o-onginika loMlayezo izolo, makuthi uNkulunkulu owukhulume ngoMfowethu Higginbotham kulokhu ukusa futhi wabikezela ukuthi Ubuza, makuthi uNkulunkulu Okhombisa imibono, akhulume!

²⁵⁵ Ngibashaya indiva bonke odeveli, futhi ngithatha lentaba, ngokukholwa! Ungubani, ntaba enkulu yokugula, ongama phambi kweNkosi na? Ngani, uzoba njengethafa. Ungubani, mfula noma—noma lwandle olufile, ongama (noma yini) ufile phambi kukaNkulunkulu na? Vula indlela yakho, siza ngapho! Siya ezweni lesithembiso.

²⁵⁶ Philisa bonke laba, Nkosi. Philisa wonke ohleziyo okhona, ogulayo.

²⁵⁷ Ungubani, kugula, ucabanga ukuthi ungubani na? Sathane, uzisho ukuthi ungubani na? Konke ozisho ukuthi unakho kwakhanselwa eKalvari. Uyadukiswa. Awunamalungelo. Sikushaya indiva, eGameni likaJesu Kristu; njengomzimba ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Futhi makuthi uNkulunkulu ongihole wangiqondisa empilweni yami yonke, uNkulunkulu Onikeza imibono futhi akhulume amaZwi aKhe elifezekayo, makuthi Yena, ngeGama likaJesu Kristu, axoshe konke ukugula kulababantu, kulokhu ukusa.

²⁵⁸ Wena wathi, “Khuluma, futhi ungangabazi, kodwa kholwa ukuthi okushilo yo kuzofezeka, ungaba nakho okushilo yo.” Ubani owenza lokho na? UFakazi kaNkulunkulu washo Lokho.

²⁵⁹ Futhi ngiyafakaza kulokhu ukusa ukuthi leloZwi liqinisile, Sathane, ngakho uzofanele uhambe.

260 Wonke umuntu ophakathi lapha angaphiliswa khona manje, Mandla kaNkulunkulu woza phezu kwabo, baphilise bonke! Ukukholwa, ukukholwa, lokho—lokho kukholwa kwangempela; hhayi lokho kwethemba kanjalo, hhayi lokho kwenza kahle; kodwa lowoNkulunkulu ofanayo owakhuluma iZwi, yehlela phezu kwalababantu! Bagcwalise ngokukholwa. Bagcwalise ngoMoya oNgcwele. Bagcwalise, futhi ubenze ofakazi, Nkosi, ukuze thina kulelikhona sikwazi ukuba ngufakazi kuWe, ufakazi ukuthi Wena uyaphila: uFakazi oqinisileyo.


261 Kulobubusuku siza etafuleni lesidlo, ukuthatha i—izinhlamvana, amaphasela amancane amele umzimba weNkosi yethu uJesus, nokuphuza iGazi laKhe.

262 Nkulunkulu, hlanza izinhliziyi zethu ezinesono. Ngizikhalela mina nalelibandla. Sibuthakathaka, Nkosi. Asifanele. Siyibandla elizishoyo, futhi asikazisebenzisi izinto esizibize ngezethu. Asikamedeli uMoya oNgcwele ukuba asithathe asilawule, ngokugcwele. Sinesono. Ngalokho, siqonde ukuthi, Nkosi, siyangabaza. Siyesaba. O, senze sibe namahloni ngokwesaba okunesono, futhi usigcwalise ngoMoya oNgcwele.

263 Singaba noMoya kaNkulunkulu usebenza kakhulu phakathi kwethu lapha kuzoze kuthi amakhulu azohlala phansi kwamandla kaNkulunkulu, ethuthumela, ngayo yonke ingqondo yabo nokuthanda izinto zezwe, nalokho okungokwethu, lokho esinakho. Nkosi, abafundi abacabanganga lutho lwalokho. Babeka... Bathengisa ngakho konke ababenakho bakubeka ezinyaweni zabaphostoli, ukupha abampofu. Nkulunkulu, thumela uMoya oNgcwele ngaleyondlela, ukuthi asizukucabanga ngezinto ezingezethu, izintokomalo Osiphe zona. Siyesaba ukuba ngabahlushwe kancane, noma sesaba ukuthi sizokhishelwa ngaphandle, noma sizophuthelwa ukulala okuncane, noma—noma sizophuthelwa wukudla ndawondawo. Nkulunkulu, ngivuma izono zami nezono zebandla lami, njengoba ngimi lapha, ngiyendzeliswa ngamandla kaMoya oNgcwele.

264 Makahambe phezu kwethu, Nkosi. Futhi ngikholwa ngukuthi Uhamba phezu kwethu. Masingadabuli izingubo zethu. Masingadabuli imicabango yethu, kepha sidabule inhliziyi yethu, sizidabule thina sehlukane, siyibeke lapho ivulekile bese sithi, “Nkulunkulu, nginecala. Ngibumbe ungenze, Nkosi. Ngilapha, endlini yoMbumbi. Ngidabule ngibe yizicucu, Nkulunkulu. Ngilolonge. Ngibumbe. Ngilungise. Njengowepentekoste ngempela u wit-...” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Siphe khona, O Nkosi. Khona-ke umbono uzoza ezinkundleni zakwamanye amazwe nanoma yikuphi lapho esizoya khona. Abagulayo bazophiliswa. Abafile bazovuswa.

265 Futhi ngeke ubekhona umpheme wokuwelela esizowudinga. Kuzobakhona isandla sikaNkulunkulu. Ngokuba, njengoba

ngishilo ekuqaleni koMlayezo, Baba: njengalokho kuphila kwecembe kubuyela empandeni lapho kuvela khona, futhi kulindele enye inkathi yonyaka, siyazi ukuthi sisondele kwenye inkathi yonyaka. Singakuzwa ukuguquka kwesimo esizungezile, isimo esizungezile sokomoya. Lolosuku seluthi alulungele ukusa. 

UBUFAKAZI BUKAFKAZI OQINISILEYO ZUL61-1105
(The Testimony Of A True Witness)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Novemba 5, 1961, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org